# *INDLU YAKHO*

. . . Ngiyanitshela, bekunga—ku . . . Ngiyazi anizi lapho ukuzozwa mina, niyabo, ngoba akekho ongashayela kude kangako ukuzozwa umshumayeli. Uza lapho ngenxa yokuthi u—ukholwa nguMlayezo futhi ukholelwa kuKristu, futhi ngiyakuthakasela lokho.

2 Futhi ngibonga kakhulu ukuba nabangane abanjalo, ukuba nomuntu o—othakasela imizamo yakho—yakho, yilokho ozama ukukwenza, uku—ukushayela kude kangako phezu kwalezozimo. Into kuphela engingayisho, ngifisa ukuthi . . . Ngitshele uMeda, ngathi, "Angazi noma besingaba nabo bonke abantu abavela ngaphezu kwamamayela angamashumi amahlanu, benyukele ekhaya, bezodla idina na?" Niyabo? Angazi ukuthi besiyokwenzani ngabo, niyabo, kubangele ingxenye enkulu kunazo zonke yebandla lethu, ngiqagele, amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili abo yinina bantu, owenziwe eMississippi, e-Alabama, naseGeorgia, nezindawo ezinjalo, lapho ovela khona. Futhi ucabanga . . .

3 Futhi abekho kubantu abezayo abangabantu abacebile, bangabantu abajwayelekile nje. Futhi ngiyazi ukuthi lokho kuthatha yonke inqwaba ekongeni openi benu ukwenza lokho, ngoba ngiyazi ukuthi kuthatha upetroli ongakanani ukufika nokuhamba, futhi ngaphandle kwalokho ukuguga nokudlavazeka kwemoto, ngokuba uhambo lokuya nokubuya seluthi, o, ngiqagele seluthi alube ishumi nesithupha, amamayela angamakhulu ayishumi nesikhombisa ngentshumayelo eyodwa, futhi uza lokho iviki ngalinye. Cabanga ngalokho. Niyabo? Nje ngi, ngizwa nga*lokho* okuncane, ukwethembeka, ngokungathi nje benginguhhafu we-intshi ukuphakama ukuma phambi kwenu ukunitshela ngempela ukuthi ngi—ukuthi ngikuthakasela kanjani.

4 Unkosikazi nami besixoxa, uma nina bantu ningezanga ngenkathi nginenkonzo, itabernakele belingeke lingikhokhele ukuba ngehle, ngoba kunabaningi kuleligumbi, khona manje, kunoma bebeyoba lapho ukuba bekungengenxa yenu bantu, lokho kuyiqiniso impela.

5 Futhi lokho kugcwalisa okushiwo ngumBhalo, "Ezweni lakithi uqobo, phakathi kwabantu bakithi uqobo." Wena . . . Izinhlonipho zakho—zakho nodumo njalo kuvela kongaphandle, angazi ukuthi kungani, kodwa, angiqondile ongaphandle- . . . Ngiqonde ovela ngaphandle kwekhaya lakho uqobo. Kusobala, bengingeke ngicabange ngani nonke ningabangaphandle, ningabafowethu engikanye nabo nezakhamizi eMbusweni kaNkulunkulu.

6 Futhi lapha esikhathini esithize esedlule, nganginengwenya endadlwana ihlohlwe phezulu, phansi lapha, futhi ngatshela uMfowethu Welch ukuthi ngangehla ukuzoyithola. Futhi izinganyana azikwazanga ukuqeda iholide lazo, futhi ngacabanga ukuthi ngizozehlisela eFlorida, ezansi eSt. Petersburg ekuseni, futhi ziqhubeke zehle, ngifuna ukwenyukela eMiami futhi ngize ngizungeze iTamiami Trail, futhi ngibuyele ekhaya. Futhi bafanele baye esikoleni masinya impela, futhi ngicabange ukuthi lesi bekungaba yisikhathi esihle ukuba ngime ngenzele ingwenya.

7 Futhi ngakho uMfowethu Welch, e, uMfowethu Fred noMfowethu Wood bafika nami, ukuze lokho kunginike ithuba lokuletha izingane, futhi bazobuyisa ingwenya yami. Futhi ngacabanga, ngenkathi ngisezansi lapha, bengingathanda nje ukuba ne. . .iqembu lenu elincane ndawonye, ukunitshela ukuthi nginithakasela kanjani, ukuthi ngiyithakasela kanjani imizamo yenu.

8 Futhi uMfowethu noDadewethu Evans, no—noMfowethu noDadewethu. . .Ngi—ngiyakuthola, ngikubiza ngo S. T, ngiyazi ukuthi ngu T. S. I. . .Kukhona u—ukuxubha umphimbo, okokugeza umlomo abakubiza nge-S.T.37, futhi ngikubiza kanjalo-ke ngo-S. T. Kungaveli. . .Futhi kuyi—kuyinto enhle futhi, kuhle kakhulu, kunakho konke lokho kushaya, ngombono wami. Bakusebenzisa embuthweni, futhi ngikusebenzisela cishe noma yini: ukuxubha umphimbo, nokokugeza umlomo, futhi ngikuthathe ohambweni lokuyozingela, lapho uma ihhashi lami lithola ukulimala, ngithela okuncane kwalokho, niyazi, nje—nje noma yini, ku—kuhle kuyo yonke indawo.

Ngiqagele, umthola ngaleyondlela futhi, awumtholi, Dadewethu na? Kuyo yonke indawo, ukugeza izitsha ngesinye isikhathi kanjalonjalo.

9 Futhi ngakho, ngicabange ukuthi mhlawumbe ngizocela kulobubusuku, ngithe kuMfowethu Welch, "Ubunga. . .? Besingathini uma kufika abafo na? Ucabanga ukuthi. . .?" Sicabange ukuthi mhlawumbe uma ubunombuzo omncane engqondweni yakho, into encane nje ongaba nayo, mhlawumbe into ethile ebengingayiphendula, into ethile obungeke ufune ukuyithatha, mhlawumbe, isikhathi sabo phezulu lapho etabernakele ngenkathi ulapho, umbuzo othize omncane, futhi yilokho engikwehlele.

10 Ngakho, siyazi ukuthi niya emsebenzini ekuseni. Yimizuzu eyishumi emva kwelesishiyagalolunye, ngakho sizongena kukho ngqo. Kodwa ngaphambi kokuba senze lokho, singavele nje sikhothamise amakhanda ethu senzele izwi lomkhuleko na?

11 Baba wethu waseZulwini, sijabula kakhulu ngoJesu Kristu, iNkosi yethu, O—Owasindisa imiphefumulo yethu empilweni yesono, futhi usenze izakhamizi zoMbuso waKhe, ngomusa

waKhe sisindisiwe, nalokho, hhayi ngathi uqobo, noma ngemisebenzi yethu, kodwa ngomusa waKhe sisindisiwe, ngakho sijabula kakhulu ngalokho. Futhi siyazi ukuthi ngelinye ilanga siyoMbona, ngokuba siyoba nomzimba onjengomzimba waKhe uQobo okhazimulayo, futhi siyoMbona njengoba Enjalo. Ngalesisikhathi, nokho asazi ukuthi lokho kuzokwenzeka kanjani, kodwa akusikho okwethu ukwazi, sibheke phambili kuphela kukho ngokukholwa, futhi konke ukuhamba kungukukholwa. Ngakho, siyabonga ngalezizinto.

12 Sikhulekela ukuthi Uzobusisa lababantu, Nkosi. Njengoba ngishayele ngehlela lapha, Uyazi ukuthi bekunani ezinhliziyweni zethu izolo ebusuku, unkosikazi nami, njengoba besixoxa endleleni. Kanjani, lokho, sizizwa sinentokozo ukuba, ukuba nabangane oyonikela ukuba eze ezwe iVangeli elikhazimulayo leNdodana kaNkulunkulu, bayoshayela onke lawomakhulu amamayela imini nobusuku, ukuzwa umlayezo owodwa nje.

13 Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzobapha, ngamunye, ikhaya elikhazimulayo eMbusweni. Babusise beselapha emhlabeni, baphumelelise kunoma yini abayenzayo, kwangathi ingaphumelela.

14 Nalababantwana abancane, Nkosi, abafo abancane nje okwamanje, nabaningi babo lapha beseyinjejane, futhi nokho bahlala ngenhlonipho yokuzithoba nezinhlonipho njengomuntu omdala, Nkulunkulu, ngicabanga ukuthi bangabadlula bonke ezweni, ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa, Nkosi, kwangathi bangefune lutho neze, futhi kwangathi, eMbusweni omkhulu ngaleya, lapho umndeni wonke usubuthene ndawonye, ngineqiniso bayoba lapho, Baba. Ngi—ngikhulekela ukuthi Uzoba ngamunye wabo lapho, kwangathi bangephenduke neze kuleyo enkulu, indlela eyingcingo abafundiswe ukuhamba kuyo. Siphe khona, Nkosi.

15 Manje kulobubusuku, ngicabangile, Baba, sizothola ukuthi yini esezinhliziyweni zabantu. Uyazazi izinhliziyo zabo, futhi ngikhuleka kuWe, Baba, ukuthi Uzongisiza ukuba ngiphendule imibuzo yabo, ukuze kube kuhle kithi, ukuthi kungaba kuhle kithi ukuba lapha, futhi singaqhubeka sithi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, ngenxa yoBukhona baKhe na?"

16 Woza manje, Nkosi, hamba uzungeze izihlalo, beka isandla saKho kuwo onke amahlombe, hlikihla isandla saKho esinezibazi zezipikili enhliziyweni ngayinye, ukuze sazi ukuthi YiNkosi yethu eseduze, ngokuba sikucela, eGameni likaJesu. Amen.

17 Ngicabanga ukuthi sine—neBhayibheli lapha, ngithanda nje ukufunda u—umBhalo phakathi Lapha, umzuzu nje, ukuthola

isiqalo esincane uku, ngaphambi kokuba singene esifundweni, noma, imibuzo, njalo.

18 Futhi lokhu, ngithanda ukufunda lokhu, i—indawo engiyithole kulentambama. Ngangigibele, ngigibele noMfowethu Welch nami, phezulu esihlalweni esingaphambili setrakhi kaMfowethu Sothmann lapho, futhi ngafunda okuthile, ngicabange ukuthi ngizothanda nje ukukhuluma ngakho, okwemizuzu embalwa nje, uma ngingakuthola kweyakhe...o, yebo, nakhu la sikhona.

19 Esahlukweni 16 seZenzo, futhi siqale cishe evesini 37.

> *Kepha uPawulu wathi kubo, Basishaye obala*...

20 Ngiyaxolisa, akusikho nje lapho engifuna khona, lapho nje ebengifuna ukuqala ukufunda khona. Ku...Bengifunda indawana phakathi lapha, nje...Ngizokuthola emzuzwaneni nje. Nakhu lapho esikhona, yivesi 29, ivesi 28, asiqale.

> *Kepha uPawulu wamemeza ngezwi elikhulu,* futhi wathi*, Ungazilimazi, ngokuba sikhona sonke.*
>
> Base *bebiza isibani,*...*bagijimela phakathi, beza bethuthumela, bawa phansi phambi kukaPawulu noSila,*
>
> *Wabakhipha, wayesethi, Banumzane, ngifanele ngenzeni ukuba ngisindiswe na?*
>
> *Bathi* kuye*, Kholwa yiNkosi uJesu Kristu, yikhona uzakusindiswa wena, nendlu yakho.*

21 Kungomunye nje walemibuzo emincane esontayo engicabange ukuthi ngingathanda ukukhuluma ngayo umzuzu nje, mayelana ne*Ndlu yaKho*, ngokuthi ngiyanibona, ngamunye, nibe nendlu yenu ihlelwe kahle kakhulu, abantwana bakho—bakho basindisiwe, futhi—futhi lokho ku—lokho kuhle ukuba nomndeni wakho wonke amaKristu, ngoba ngi...si—sifuna imindeni yethu, thina, ngamunye, sicabanga ngabantwana bethu. Futhi impela nginganincoma nina bantu abakahle ezansi lapha, ngabantwana benu abathandekayo, ukuthi unabo kanjani bonke ngokuhlelekile nakho konke kanjalo. Ngi...

22 Sawubona, Dadewethu? Futhi ngikholwa ukuthi yilokhu, bekungesikho lokho, umama usanda kungena nje emuva lapho na? INkosi inibusise, ngiyajabula ukunibona futhi, kulobubusuku. Futhi ngikholwa ukuthi lona ngumkaMfowethu Willie, akunjalo na? Futhi lowo ngubasi womndeni khona lapho, njengoba ngiqonda, lokho, noma, yileyondlela okuhamba ngayo endlini yethu.

23 Futhi ukuba nendlu yakho, manje, uPawulu washo lapha, ku—kulenduna yekhulu engumRoma, ngenkathi yayi... Sithola ukuthi uPawulu wayeshayiwe kusihlwa ngaphambilini, eyalwe yizimantshi, futhi wayeshayiwe, ngenxa yokuthi wayengenzanga lutho olubi, wayekade ephezulu lapho

eshumayela iVangeli. Futhi umfundisi wasesontweni lapho wayemelene noPawulu, ngoba wayeshumayele iVangeli, futhi bathi wayegumbuqela izwe.

24 Futhi wehla ngomgwaqo futhi kwakukhona umbhuli omncane, owesifazane eno—nomoya wokubhula, futhi wayeqashelwe lokhu kubhula. Futhi ngenkathi behla ngomgwaqo, wayekhala emva kukaPawulu, futhi athi, "Bayindoda kaNkulunkulu, esitshela indlela yo—yokuPhila."

25 Futhi uPawulu wayengamdingi udeveli ukuba amsize kunoma yini, ngakho wavele nje waphenduka futhi wakhuza lowomoya kowesifazane, futhi ngenkathi wenza, o, lokho kwabangela isiyaluyalu. Futhi ngenkathi bethola, u—umoya wawususukile kuye, futhi wayengasakwazi ukubhula.

26 Ngakho, lo—lowo owayemqashe phandle lapho, futhi mhlawumbe wayemnakekela, ngani, kwabangela isiyaluyalu esikhulu, futhi bashaywa futhi bafakwa ejele. Futhi sengiyambona uPawulu noSila belele emuva kulelotilongo elidala lekalishi ezinkantolo zangaphakathi, emuva le. Ingaphandle, lapho iziboshwa ezedlula zonke zazigcinwe khona, kwakukubi ngokwenele, kodwa babengaphakathi, futhi ngenkathi bebuyela emuva le, bafakwa ezitokisini.

27 Angazi lutho...Ngabe nonke senake nazibona izitokisi zozankosi na? Ngibe nenhlanhla yokuzibona, ba—bazifaka kwezakho, zivundle ezinyaweni zakho, bese-ke bezibeka zavundla ezandleni zakho, bese-ke bezibeka entanyeni yakho, futhi nakho lapho ukhona uhlezi lapho.

28 Futhi ukujeziswa ngokubulawa kwamaShayina, indlela ayevame ukukwenza ngayo, kwakunonya kakhulu, babebafaka kulezozitokisi ezisazankosi bese befaka ukuconsa kwamanzi, ukuconsa okukodwa nje ngesikhathi, ewela phezu kwekhanda labo, *kanjalo*, kwaze kwabahlanyisa nje. Babehlala lapho futhi bangabaniki lutho ukuba badle noma baphuze kanjalo, namehlo abo—abo ayophenduka nakho konke, kwakuyinto nje, esabekayo.

29 Bathi amaconsi ambalwa okuqala, kusobala, mhlawumbe usuku lokuqala, akukubi kangako, kodwa bathi emva kwezinsuku ezimbalwa, ukuthi lawomathonsi azwakala sengathi amathani angamashumi amahlanu ewa, niyazi, ngaso sonke isikhathi, ashaya ngqo kuleyondawana efanayo, ngoba awukwazi ukunyakazisa ikhanda lakho, ukulezozitokisi zozankosi.

30 Futhi cabangani nje ukuthi uPawulu noSila, ngokushumayela iVangeli, wayelele emuva kuleyondawo endala engcolile, futhi mhlawumbe amagundane amakhulu, namagundane amancane, izilokazana kuzo, nakho konke. Indawo enje pho yendoda eshumayela iVangeli! Futhi siyacabanga namhlanje, ukuthi siyakhononda ngoba sinezinto

ezithe ukuba l'khunyana; bukani ukuthi benzani, futhi bazi ukuthi yini eyayibalindele, mhlampe ukubulawa ngokusa okulandelayo.

31 Kodwa babethembekile, ba—babe . . . bahlala bethembekile. Futhi cishe phakathi nobusuku phakathi lapho, futhi ngiyacabanga nje ukuthi kufanele ukuthi bazizwa kanjani, imihlane yabo inamathele othulini oludala lapho iziboshwa, futhi kwakunguchoko nakho konke okunye lokho ngalezozinsuku, futhi belele bencike kwiphansi elidala eliqinile, kungahle ukuba kwakuyiphansi lenhlabathi, amagundane amakhulu egijima phezu kwabo.

32 Kodwa phakathi kwakho konke lokho, mhlampe kungekho sidlo sakusihlwa, futhi bashaywa baze bopha, futhi belimele, futhi bebuhlungu, akukho dokotela ukuba ageze amanxeba, kumbe noma yini yokutheleleka esiyokusebenzisa namhlanje, noma into ethile efana naleyo, wavele wabaphosa emuva lapho, wabafaka ezitokisini zozankosi, wayesebafaka kulesosimo, kodwa babengakhonondi. Akukho nelilodwa izwi lokukhononda elivela kubo, futhi bazi, mhlawumbe ngokusa okulandelayo, babeyo, izimantshi mhlawumbe zaziyobabiza phambi kombusi futhi ngenkathi benza, noma, iSanhedrin, futhi babeyobulawelwa ukushumayela lokhu ukweduka, ukuthi kwakubizwa kanjalo ngalezozinsuku, iVangeli, ukuthi ngokweqiniso, ngobuqotho silwela lokho kukholwa okufanayo namhlanje.

33 Bese kuthi-ke lapho sesicabanga ngalokho, khona-ke amamayela athi ukuba mafishane kancane phakathi kwelinye, niyabo, njalo lapho sicabanga ngakho.

34 Bese kuthi-ke sithola ukuthi cishe phakathi kwamabili, uPawulu noSila bafanele ukuthi bakhuluma ngeNkosi kwaze kwaba phakathi kwamabili, bese-ke beqala ukucula amahubo, iculo elithize elimnandi elidala lamaKristu. O, ukuba besingacula namhlanje, besingacula elithi *KunaMandla EGazini*, noma *O, NgiyaMthand'uJesu*, noma into efana naleyo. Futhi ngenkathi beqala ukucula, khona manjalo, ukuzamazama komhlaba kwashaya indawo. Futhi qaphelani ukuthi kwenze kanjani, esikhundleni sokunqwabelanisa lezozindonga zalesosakhiwo esikhulu esidala ngqo phezu kwabo, futhi bona . . . futhi zibafihliza baze bafe, kwanyakazisa izindonga zasuka kubo, futhi akusikho lokho kuphela, kodwa ku—ku—kwephula izitokwe nemigoqo kwaxega kubo, futhi bakhululwa.

35 Manje cabangani, phezu kwezinyawo zabo, phezu kwezandla zabo naphezu kwentamo yabo bakhululwa, bonke. Futhi esikhundleni salelo elidala elikhulu, ijele lamaRoma elisindayo libhidlikela kubo, lawa lasuka kubo, *kanje*, futhi akusikho lokho kuphela, kodwa amaketango nezinto zawa kubo. Niyabo, lowo

nguNkulunkulu wethu lapho sibambelela ngokwethembeka. Niyabo, sifanele sihlale sithembekile. Futhi inqobo nje uma sisethembekile futhi—futhi e . . .

36 Thina, manje, singahle singabi kulolohlobo lwesimo, thina, akukho namunye wethu ongathola, ngithemba ukuthi asitholi kanjalo, kodwa singathembeka kulokho esifike kukho, esizofanele sedlule kukho, mhlawumbe ngukuhlushwa, mhlawumbe ngumuntu othize okuhlekayo, mhlawumbe ngumuntu othize, "Ungowesikhathi esidala, ungumgingqiki ongcwele," kumbe—kumbe noma yini abangafuna ukukubiza ngayo, noma bahlekise ngawe, noma okuthize, asithembeke ngokufanayo nje, ngoba uNkulunkulu uyakuhlonipha ukwethembeka kwethu kulokho, ngokufanayo nje njengoba Wayenjalo, bahloniphe ukwethembeka kwabo kulokho ababeyikho . . . ababefanele bedlule kukho.

37 Kwase kuthi-ke, khona manjalo, lapho isiboshwa esingumRoma, noma, induna yekhulu ifanele i—ifanele, umlindi emnyango, ufanele ukuthi wacabanga lokho, ngalobobusuku, ngenkathi uPawulu noSila bekhuluma ngomBhalo, ufanele ukuthi wafunda okuthile, ngoba wayengawazi amadoda, kodwa ufanele ukuthi wayazi ngandlela thize, noma wezwa ukucula kwabo, noma okuthize, okwamenza wazi, ngokukhulu ukushesha, ukuthi ayengamadoda angcwele.

38 Ngoba niyabo, ba . . . wayengumRoma, futhi babengamaJuda, futhi wayengumhedeni, futhi babengamaKristu. Kodwa niqaphelile yini, kwathi nje angathola ukuthi kwakukhona . . . ukuthi itilongo lase lizanyazanyisiwe lawa phansi, futhi wayazi ukuthi wayezodingeka aphendule ngalokho.

39 Mgadi, niyasikhumbula isikhathi sika-Eliya na? ngenkathi esezifihlile futhi wahlangana neNkosi u-Ahabi phandle lapho, futhi wathi, "Ngangingumgadi futhi impilo yami, kusobala, yabethelwa esigxotsheni nendoda futhi yabaleka."

40 Futhi—futhi wathi, "Awu, uzokhokha ngakho, khona-ke, ngempilo yakho, lowo ngumsebenzi womgadi." Ngakho waziqaqa futhi wathi wayengu-Eliya umprofethi, wayesethi, "Yekela inkosi ihambe, Agagi." Futhi wathi, "Uzo—uzokhokha ngakho ngempilo yakho uqobo," futhi wakwenza.

41 Ngakho manje-ke, sithola ukuthi lenduna yekhulu engumRoma, yazi ukuthi yayizophendula ngempilo yayo uqobo ngalezi, yahosha inkemba yayo ngokushesha nje lapho ithola ukuthi base behambile, futhi yaqala ukuzibulala, ithathe ukuphila kwayo uqobo, esikhundleni sokuba idingeke idlule ekujezisweni. Abanye be tho- . . . Mhlawumbe yahlala kulolohlobo olufanayo lwezitokisi zozankosi, kanjalonjalo, yaze yafa, ngakho yacabanga ukuthi yayizovele nje ikuqede konke, futhi ihoshe inkemba yayo, futhi izibulale.

42 Kodwa ngokushesha, uPawulu wamemeza kakhulu lapho ekubona, wayesethi, "Ungazilimazi, ngokuba sonke silapha." Niyabo? Nendoda yaqonda-ke ukuthi . . . Kufanele ukuthi kwakukhona into ethize eyenzeka ngaphambi kwalokho, okwenza lendoda yazi ukuthi babengamadoda angamaKristu, noma amadoda angcwele, ngoba ngokushesha yawa phansi ezinyaweni zabo.

43 Sengathi ngiyabona yabezwa becula amaculo, yabezwa befakaza, yayizwa ingxoxo yabo. Manje, ake sicabange umzuzu nje, bafo, uma leyonduna yekhulu engumRoma yayenelisekile futhi ilahlwa yicala ngenxa yokuthi yawezwa lawomadoda amabili, iziboshwa ezishayiwe, manje, sisalokhu sikhululekile, futhi asishayiwe noma iziboshwa, kodwa ukuzwa ubufakazi babo kwaba nokuthonya okukhulu, kwaze kwayibangela ukuba ithi, "Ngifanele ngenzeni ukuze ngisindiswe na?" khona-ke besifanele senzeni ngokuthonya kwethu na? Niyabo? Sifanele ngabe siyafakaza.

44 Nina bantu abasha, noma ngabe kuyini, ningahle ningashumayeli, mhlawumbe uNkulunkulu akazange akubizele ukuba ushumayele, kodwa wena, uma uyinkosikazi yomuzi, kumbe noma ngabe uyini, ibhungu netshitshi, asenze into ethize, niyazi, ukuthi, futhi siphile impilo eyenza abantu bathi, "Awu, lowo—lowo ngumKristu ohamba lapho, lowo—lowo ngumKristu."

45 Futhi ngakho, sithola ukuthi lomfo ufanele ukuthi wayehlabeke umxhwele ngandlela thize, ngalawo maculo kumbe noma ngabe yini ababeyenza phakathi lapho, ukuqonda ukuthi babengamaKristu. Ngakho wathola ukukhanya, futhi ngenkathi engena futhi wabona ukuthi nakho kumi uPawulu, futhi ngisho neziboshwa emuva phakathi lapho, akekho kubo owayezama ukubaleka, wonke umuntu wayelapho, ngakho wa—waphakamisa inkemba yakhe, wawa phansi ngasezinyaweni zikaPawulu noSila, wayesethi, "Banumzane, ngifanele ngenzeni ukuba ngisindiswe na?"

46 Manje, niqaphelile yini, wena nami namhlanje, futhi cishe impela bonke abefundisi, noma kanjalonjalo, sihlala njalo sizama ukutshela umfo ukuthi yini okufanele *anga*yenzi, besizothi, "Manje yeka ukubhema kwakho, yeka ukuqamba amanga kwakho, yeka ukweba kwakho, yeka *lokhu* okwakho, noma *lokho*." Manje, lokho—lokho kwakungesikho okwabuzwa yindoda, a—ayishongo ukuthi, "Yini okufanele ngi*yeke* ukuyenza ukuze ngisindiswe na?" Wathi, "Ngifanele *ngenzeni* ukuze ngisindiswe na?"

47 Niyabo, sizama ukubatshela ukuthi bafanele bayeke ukwenza. Niyabo? Futhi uthi, "Awu, ngifanele ngenze *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*." Qhabo, niyabo, lowo akusiwo umbuzo. "Ngifanele ngenzenjani na?" hhayi ukuthi "Yini okufanele

ngiyeke ukuyenza na?" Kodwa yenza nje lokho ofanele ukwenze, futhi konke okunye kwakho kuzozinakekela, ukuqamba amanga kwakho, ukweba, noma—noma ukuphuza, ukugembula, nokwenza izinto embi, kuzoma lapho wenza lokho uPawulu awuphendula umbuzo wayo: "Ngifanele ngenzeni ukuba ngisindiswe na?"

Wathi, "Kholwa eNkosini uJesu Kristu, futhi wena, nendlu yakho iyakusindiswa."

48 Manje, isizathu ngicabange ngokusho lokhu, ngoba nina bantu lapha, iningi lenu, abantwana bakho—bakho basindisiwe, niyabo, bangamaKristu. Ngiye ngawazisa umndeni kaMfowethu Evans, lezizinsizwa lapha. Ngokwejwayelekile, ubani obungathola itshitshi nebhungu, lihlale lizungeze futhi lilalele omunye, umshumayeli ekhuluma na? Ngani, bebeyobe bephumile futhi baya ndawondawo, amantombazane amancane kanjalo.

49 Ngathi kuMfowethu Fred, izinganyana zakhe, ngani, zi—ziyangizwa nje ngisho into eyodwa engalungile, zi—zi—zilungele ukukumisa khona manje, niyabo; futhi zahlala ngenhlonipho ephakeme kunayo yonke, esikhundleni sokuphuma ekulungiseni izimoto ezindala zejubane, zizulazula. Ziyo, lapho zikuzwa ukhuluma ngeVangeli, zilungele ukuhlala khona lapho futhi zilalele. Niyabo?

50 Manje, ngiyazi sonke sifuna . . . ngicabanga ukuthi izinganyana zethu zingamambuka nezinto ezinjalo, kodwa si—sifanele sikuyeke lokho, ngi—ngikholwa ukuthi sifanele sikhumbule ukuthi lezizinganyana ziyizinganyana ezizedlula zonke emhlabeni, ngoba zingabantwana bethu, futhi sizibiza ngokukaNkulunkulu.

51 Manje, insindiso yakho ngeke imsindise lowomntwana, kodwa manje, uPawulu wathi, wathi, "Kholwa eNkosini uJesu Kristu, futhi wena, nendlu yakho iyakusindiswa." Manje, yena . . . Manje, wayeqonde ukuthini ngalokho na? Wayengaqondile lokho ngoba babesindisiwe, ukuthi indlu yabo yayizosindiswa ngakho. Wayeqonde lokhu: ukuthi ngoba babe . . . babene . . . uma wayenokukholwa okwanele ukuba asindiswe yena uqobo, inani lakhe elifanayo lokukholwa ayenalo ngaye uqobo, lalizosebenzela abantwana bakhe. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

52 Manje, nginabantwana bami, *nanso* indodana yami encane, uJoseph, uBilly, uSarah, uRebekah, awu manje, ngifuna ukubona ngamunye wabo isisebenzi eVangelini, senza okuthize, ngifuna ukubabona besindisiwe futhi begcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

53 Manje, ngibanikele kuNkulunkulu futhi ngithi, "Ngibambelele kuNkulunkulu ngenxa yabo." Niyabo? Futhi ngikholwa ukuthi bazosindiswa, bonke. Niyabo? Ngikholwa

ukuthi bazosindiswa, futhi ngizoba nabo ngakolunye uHlangothi. Futhi—futhi angikholwa ukuthi insindiso yami izobasindisa, qhabo, kodwa ukukholwa kwami kuNkulunkulu kuzokwenza, niyabo, ukukholwa kwami, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza, futhi kuzobabangela ukuba beze kuKristu.

54 Futhi ngikholwa ukuthi yilapho nina bantu, nikhulekela abantwana benu, futhi yingalesosizathu abantwana benu bene—nemikhuba emihle, ne—ne*nenekazi* langempela no*mnumzane ohloniphekile* kulonyaka wasendle esiphila kuwo, nokho banaleyo—leyongxenye ngabo lokho ngokwedlula konke engikwaziyo kunoma yiziphi izinganyana. Niyabo? Awu, ngicabanga ukuthi isizathu salokho kungenxa yokuthi imikhuleko yenu ngazo, futhi nizinikele kuNkulunkulu futhi nibambelele.

55 Niyabo manje, umRoma wathi, "Ngifanele ngenzenjani na?" Wazicelela nje, wathi, "Ngifanele ngenzenjani na?"

Futhi wathi, "Kholwa eNkosini uJesu Kristu, futhi wena, nendlu yakho iyakusindiswa." Niyabo?

56 Manje, manje, sinento eyodwa esifanele siyenze. Ake sibuyele emuva umzuzu nje ukuba sithole into ethize esizoyishayela endikimbeni yami, manje, yilokhu: Ake sithathe ikhehla engazi ngalo eBhayibhelini eligama linguJobe.

57 Manje, uJobe wayeyindoda enkulu, kwakungekho-muntu onjengaye ezinsukwini zakhe. UJobe wayengumprofethi, nabantu bavela kude naseduze ukuzozwa uJobe. Futhi uNkulunkulu wambusisa, futhi waye, wayephumelele, wayeyisicebi, o, wayenezinkulungwane zomhlambi wezinkomo nezimvu, ne—nezinto ayenazo.

58 Futhi, ngani, wathi lapho eyophumela ezitaladini, amakhosana amancane avela eMpumalanga, lowo nguMegi, osonkanyezi abahlakaniphile, niyazi, babethi . . . bathi bayokhothama phambi kwakhe ukuba nje bacele izwi lokuhlakanipha kwakhe. Niyabo? Wayeyindoda ehlakaniphile, waye—wayengumprofethi.

59 Futhi ngakho, udeveli wabuka phansi, futhi wabona ukuthi—ukuthi uJobe wayeyindoda ehlakaniphile. Ngakho ngizonikhombisa ukuthi indoda ehlakaniphile yenza kanjani. Manje, ngibuyela endikimbeni ethi *Wena, Nendlu yaKho*. UJobe wathi, ngenkathi esebone yonke into yayihleleke kahle nje, njengoba amakhaya enu enjalo manje, wathi, "Uyazi, abantwana bami ushadile futhi wahamba, kodwa," wathi, "mhlawumbe, omunye we . . . mhlawumbe omunye wabo angahle ukuba wonile."

60 Manje, kwakukhona isidingakalo esisodwa uNkulunkulu ayenaso, lokho kwakungumnikelo wokushiswa. Wathi, "Manje, angi . . . " Wayengakholwa ukuthi abantwana

bakhe bonile, kodwa wathi, “Mhlawumbe bangahle bone, ngoba bayavakashelana, nokuya emaphathini emakhaya omunye nomunye,” kanjalonjalo, nokuxoveka, ngiqagele, kanjalonjalo. Wathi, “Uma omunye wabo onile, ngakho, Nkosi, ngiletha umnikelo wokushiswa, bese nginikela ngalomnikelo wokushiswa womntwana wami.” Niyabo? Futhi yilokho kuphela ayekwazi ukukwenza, yilokho kuphela uNkulunkulu ayekudinga, umnikelo wokushiswa, yilokho-ke, konke Ayekudinga.

61 Awu, kwase kuthi-ke ngenkathi ihora elikhulu laphakathi nobusuku lifika futhi lashaya, futhi uJobe omdala ompofu wayesesimweni ayekuso, yena, niyazi, walahlekelwa yizo zonke izinkomo zakhe, zonke izimvu zakhe, neziphepho ziyafika, zabulala abantwana bakhe, umlilo washisa izinceku zakhe, futhi—futhi wa bro-. . .impilo yakhe uqobo yehluleka, futhi wahlala egcekeni elingemuva endundumeni yomlotha, no—nomzimba wakhe uqobo waqhuma amathumba, waze wathatha ucezu lobumba futhi wanwaya amathumba akhe. Futhi ngisho nomkakhe wadumazeka ngaye futhi uyafika wayesethi, “Jobe. . . ”

62 Manje, ake—ake sithi nje ukucabanga ngendlela asho ngayo. Manje, bukani lapho kuhlezi uJobe, wahlala phandle lapho ubusuku bonke. Nakho kuhlezi abaduduzi bakhe befulathele yena, futhi bamtshele ukuthi wonile. Lelo yilunga lebandla, lelo yi—ibhodi labadikoni, kumbe noma ngabe kuyini okwebandla, lehla ukuzombona. Futhi bahlala izinsuku eziyisikhombisa lapho, futhi basalokhu bemtshela, “Jobe, ungavele wenze ukuvuma, ngoba wonile, ngoba uNkulunkulu ubengeke avumele umuntu olungileyo ahlushwe kanjalo.”

63 Kodwa uNkulunkulu uvumela umuntu olungileyo ahlushwe kanjalo. Niyabo, uNkulunkulu, ngezinye izikhathi ukuthi—ukuthi izinto zenzeka kithi ngoba sonile, kodwa ngezinye izikhathi ku—ukuvivinya ongcwele, esikhundleni sokujezisa isoni.

64 Ngakho, sithola ukuthi uJobe wayeyindoda elungileyo nokho, noNkulunkulu wayemhlola, ngoba uSathane wathi, “O, impela. . . ” ngenkathi enyukela phambi kukaNkulunkulu namadodana kaNkulunkulu. Wathi. . .

Ngoba uNkulunkulu wathi kuye, “Ubukuphi na?”

Wathi, “O, uhamba nje uya ngapha nangapha, futhi phansi naphezulu emhlabeni.”

65 Wathi, “Uyinakile inceku yami uJobe na? Uyindoda ephelele, akekho emhlabeni onjengaye.” UNkulunkulu wajabula ngalokho. O, Uyathanda nje ukuba nenceku Angethembela kuyo. Wathi, “Akekho omunye umuntu emhlabeni onjengaye.” Niyabo? Wathi, “Uyindoda ephelele.” Futhi lokho kwakungaphambi kokuba iGazi likaJesu Kristu

lichitheke. Niyabo? Futhi Wathi, “Uyindoda ephelele, ulungile, uqotho, akekho onjengaye.”

66 USathane wathi, “O, impela, buka ukuthi Umenzeleni: Umnike yonke into, unamakhaya, unabantwana, unezinkomo, unakho konke akufunayo. Impela, noma ubani angaKukhonza kanjalo.” Wathi, “Ake ngibe naye kanye, ngizomenza aKuthuke ebusweni baKho.”

67 Wathi, “Sathane, usesandleni sakho, kodwa ungayithathi impilo yakhe.” Manje, lokho kwakungukwethemba kukaNkulunkulu ukuthi umprofethi waKhe wayengezukwehluleka kuYe. Niyabo? Futhi Wethemba wena nami, ukuthi angeke siMehlulekise.

68 Futhi khona-ke Yena, futhi Wathi, Yena, “Ungakuthathi ukuphila kwakhe.” NoSathane wenze konke *ngaphandle* kokuthatha ukuphila kwakhe. Abantwana bakhe babulawa, nezinkomo zakhe zabulawa, nayo yonke into yayi . . . yonke ingcebo yakhe yalahleka, futhi walahlekelwa yimpilo yakhe, nakho konke ngaphandle kokuphila kwakhe, wahlala phandle lapho futhi wanwaya amathumba akhe.

69 Nomkakhe uza emnyango, no—noSathane wangena kuye wayesethi, “Wena . . . ” Wabuka phandle lapho, wathi, “Awumthuki ngani uNkulunkulu ufe na?” Wathi, “Ubukeka ulusizi kakhulu.”

70 Wathi, “Ukhuluma njengowesifazane oyisiwula.” Niyabo? Manje, akazange athi wayeyisiwula, wathi wayekhuluma njengaso. Niyabo? Wathi, “Ukhuluma njengowesifazane oyisiwula.” Wathi, “INkosi iphile, futhi iNkosi ithathile; malibongwe iGama leNkosi.” Niyabo? Ngamany’amazwi, “Ngeza ezweni ngize,” wathi, “ngiyakubuya ngize; kodwa malibongwe iGama leNkosi noma kanjani. Angikaze ngibe nalutho ngenkathi ngifika lapha, futhi ngiyakuhamba ngingenalutho; kodwa noma kunjalo malibongwe iGama leNkosi.” O, he!

71 Niyazi, uNkulunkulu uzovele nje avumele uSathane asilinge isikhathi e*side kangaka*, bese-ke Eyakhathala yikho, niyabo. Ngakho, wabona ukuthi u cou- . . . uSathane wadingeka amshiye ngaleyonkathi. Kodwa uBilidadi nabo bonke babesalokhu behlala lapho futhi bathi, “Ngani, wawuyisoni sangasese.”

Kodwa uJobe wahlala embambatha kulokhu: “Angisiso isoni.” Niyabo?

72 “Jobe, une . . . wenza . . . awufuni ukukuvuma,” niyabo, “ngoba uyisoni sangasese, ukwenza ngasese, noNkulunkulu uyakujezisa ngakho, ngakho yingalesosizathu ukuthi izinto zikuhambela ngendlela eziyiyo.”

73 Kodwa wathi, “Qhabo, Mnumzane, angisiso isoni.” Ngoba wayemi embambatha phezu kwalokho kulunga

kukaNkulunkulu, lowomhlatshelo wokushiswa, wayenikele ngawo. Yilokho kuphela ayefanele akunikele, yilokho kuphela uNkulunkulu ayekudinga.

74 Futhi niqaphelile, emva kokuba uMoya kaNkulunkulu usufikile phezu komprofethi nayo yonke into yaba kahle, niyabo, UNkulunkulu wabuyisela kuJobe ini na? Wabuyisela kuye okwakhe. . . lapho wayenezinkomo eziyizinkulungwane eziyishumi, Wamnika izinkomo eziyizinkulungwane ezingamashumi amabili; lapho ayenezimvu eziyizinkulungwane ezingamashumi amane, Umnika izimvu eziyizinkulungwane ezingamashumi ayisishiyagalombili. Niyabo? Futhi Wabuyisela konke emuva kuye ake aba nakho.

75 Futhi niyaqaphela, Lathi, "Futhi Wabuyisela abantwana bakhe abayisikhombisa." Niyabo? Wapha uJobe abantwana bakhe abayisikhombisa. Hhayi, akamphanga abanye abantwana abayisikhombisa, kodwa Wapha uJobe abantwana bakhe abayisikhombisa. Manje, kwakuyini na? Indlu yaKhe, "Yakho nendlu yakho." Ngoba wayelungile, ngoba wayemi kukho konke uNkulunkulu asinika khona ukuba silunge, noma, amnika khona, kwakungukunikela ngalowomnikelo wokushiswa.

76 Futhi wayazi ukuthi Lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu, futhi Lalingehluleke. Ngakho, senake nacabanga ukuthi labobantwana babekuphi na? BabeseZulwini bemlindile. Niyabo? Unabo namhlanje. Futhi uNkulunkulu wasindisa abantwana bakaJobe, babeseZulwini bemlindile. Niyabo?

77 Manje, uma uJobe ethathe isenzo phezu kwayo impela into uNkulunkulu amtshela ukuba ayenze, into kuphela kwakungukulunga, kwakungukunikela ngomnikelo wokushiswa, lokho kwakulungile, futhi Wasindisa uJobe nendlu yakhe, khona-ke yini elungile phambi kukaNkulunkulu na? "Kholwa eNkosini uJesu Kristu, futhi wena, nendlu yakho iyakusindiswa."

78 Ngakho, uma ngikholelwa indlu yami nawe ukholelwa indlu yakho, ngokukholwa lokho, ukuthi sethemba uNkulunkulu, uNkulunkulu ubala ukukholwa kwethu uqobo, njengoba Enza ku-Abrahama, noma uJobe, noma yimuphi wabo ngokulunga, niyabo. Ngakho sabelwe thina kube ukulunga, futhi yingaleyondlela ukuthi "Wena, nabendlu yakho uyakusindiswa."

79 O, ngicabanga ukuthi kuyinto emangalisayo. Ngakho-ke, akusikho lokho kuphela, kodwa ngibambele wonke umfowethu, bonke abafowethu, udadewethu, Angibambelele kulokho kuphela, kodwa ngibambele wonke umuntu osebandleni lami, nginibambele nonke, ngifuna ungibambele, ngenxa yokulunga kokukholwa. Asidingi ukwenza umnikelo wokushiswa, uKristu unguMnikelo wethu. Kodwa sifanele sibe nokukholwa kulowomnikelo uKristu awenza, ukuthi Wasenzela loluhlobo lwe—lwesithembiso, ukuthi "Noma yini eniyicela kuBaba

eGameni laMi, lokho Ngiyokwenza. Nxa ukhuleka, kholwa ukuthi uyakwemukela okucelile, futhi uyakuba nakho."

80 Manje, uma ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzosindisa lababantwana abayinjejane, futhi ngiyakholwa ngenhliziyo yami yonke Uzokwenza, ngibone ukuthi yindlela efanayo uJobe ama ngayo. Uthi, "O, buka *le*nganyana, ukuthi yenza kanjani." Angikhathali ukuthi yenzani eyesilisa noma yenzani eyesifazane, ngisalokhu ngibeke lowomntwana esandleni sikaNkulunkulu uSomandla nesami, "mina, nendlu yami iyakusindiswa." Niyabo? Ngoba ngi. . .

81 Ngisho noma ngingadlula ngaphambi kokuba behambe, kodwa ngandlela thize, ngaphambi kokuba basuke lapha, uNkulunkulu uzobasonta kahle, ezansi emzileni, ngi—ngiyakukholwa lokho, *ngandlela thize enye* Uzokwenza kube lusizi kakhulu kubo, baze bafanele bakwenze. Niyabo?

Futhi yileyondlela engikholwa ngayo, kungukuthi, "Wena, nendlu yakho niyakusindiswa."

82 Ngibone abaningi aba. . .Ngikubhekisisile lokho kungena emihlanganweni yami. Isikhathi esiningi, umfana omdala uyokwenyukela lapho obenesihluku yonke impilo yakhe, yena, aguqe ngamadolo akhe futhi ahambe ekhala, asukume, athi, "Awu, nganginomama omdala othandekayo, o, uma eseZulwini kulobubusuku, ngiyazi ubuka phansi, futhi uyajabula ukungibona kuleli-altare."

83 Niyabo? Okuyikho, lowomama omdala wakhuleka futhi wakholwa. Niyabo, usehambile kudala, kodwa nansi leyomikhuleko, ngoba ukulunga, niyabo, "Wena, nendlu yakho niyakusindiswa." UNkulunkulu uyazi ukuthi kusetshenzwa kanjani, Uyazi ukuthi kwenziwa kanjani, Uyazi ukuthi kwenziwa kanjani yonke into kahle nje.

84 Njengoba ngasho ngolunye usuku, lapho sizalwa nguMoya kaNkulunkulu, uNkulunkulu akabuthakathaka endaweni eyodwa futhi unamandla kwenye, uma unesithunzi esincane sikaNkulunkulu kuwe, ichashaza elincane nje likaNkulunkulu, khona-ke usunawo onke amandla, unamandla enele kuwe ukwenza izwe futhi uphume futhi uhlale kulo. Kodwa, kusobala, lawomandla alawulwa ngokukholwa, uma ayengenjalo, sonke besiyoba nezwe phandle lapho, siphila kulo. Kodwa uma uyindodana kaNkulunkulu, noma indodakazi kaNkulunkulu, unamandla kaNkulunkulu kuwe. Niyabo? Ngakho manje-ke, wena. . .Lowomthetho ubamba lokho kukholwa entweni *ethize*.

85 Manje, ake sithathe isibonelo, sonke, singathi, sake saqamba amanga, sasintshontsha, sasi—sasithuka, futhi sifunge, futhi senze yonke into engalungile. Awu, ngoluny'usuku ngenkathi semukela uKristu, wenzani Yena na? Wavula, kwathi nje singaMemukela; lokho kungokukholwa, njengoba nje uPawulu atshela umRoma ukuba abe nakho, akholwe, khona impela nje

uJobe akwenza, kholwa. Niyabo? Futhi kwathi nje singamukela uKristu njengoMsindisi wethu, masinyane semukela ukukholwa okwanele, saze sahamba, singabe sisaqamba amanga, singabe siseba, singabe sisakhohlisa. Niyabo? Qhabo. Ngani na? Sagibela senyuka ngqo ngaphezu kwalesosono esasivame ukusigibela lapho; sa—sabelwa lokho kukholwa okungako ngakho. Ngani na? Ngenxa yokuthi siyakholwa ukuthi sisindisiwe. Ngabe kunjalo na? Siyakholwa lapha ukuthi sisindisiwe, ngakho-ke sigibela ngaphezu kwalokho, ngoba sikholwa ukuthi sisindisiwe.

86 Manje, lalelani lokhu ngaphambi nje kokuba ngifinyelele emibuzweni. Niyabo? Mfowethu, dadewethu, ngizokunika imfihlo encane ngami uqobo. Niyabo? Ngiqagele benihlale nimangala ukuthi ngiyibona kanjani leyomibono nezinto, ukuthi yini ekwenzayo. Yingoba ngenkathi ehlangana nami ngalobobusuku, futhi wangitshela lokho, niyabo, ukuthi lokhu kuyokwenzeka, ngiyakukholwa, ngikukholwa ngesizotha.

87 Futhi ngiyangena ukuyokhulekela abagulayo, uma ngingake ngithole umuzwa wokuthi kukhona into ezokwenzeka, balungiselela ukusindiswa, ngakho njalo, kuthi nje akube kahle. Futhi yileyondlela esifanele senze ngayo ngomndeni wethu, nganoma yini esiyicelayo, sifanele sikhuleke, noNkulunkulu uyakuhlonipha ukukholwa, niyabo, ukukukholwa, sifanele sikholwe ukuthi kuqinisile.

88 Manje, ngalokho okuncanyana kukaNkulunkulu, ngenkathi uthi, "Yebo, Nkosi Jesu, ngiyisoni, angilufanele uthando lwaKho, kodwa Wena wangithanda ngakho ngiyaKwemukela njengoMsindisi wami." Masinya, uphuma ngqo lapho, futhi kuyini na? Uyeka ukuqamba amanga kwakho, uyeka ukukhohlisa, uyeka ukweba, uyeka ukwenza izinto obungafanele uzenze. Kungani na? Ngoba uyakholwa ukuthi ungumKristu, futhi ngoba uyakholwa ukuthi ungumKristu, uyasukuma kulokho, usukwelinye izinga. Manje, niyabo?

89 Manje, uma ugula, nakhu ukuphulukiswa, kukholwe nje. Manje, ungeke uzenze ukukholwe, kuzofanele kube yinto ethize eyenzeka kuwe, njengokuphenduka kwakho nje, kuzofanele kwenzeke.

90 Ngangitshela umkami ngoluny'usuku ukuthi ngangimthanda kangakanani. Ngakho, angicabangi ukuthi uyafuna ngikhulume ngalokhu, kodwa ngikwenza ngasese ukuze ngiqagele ngingakwenza esidlangalaleni khona manje. Bengimtshela ukuthi bengimthanda kangakanani, nokuthi bengihlala ngimthanda kanjani kusukela kuqala ekuqaleni, ngathi, "Akwenzi mehluko . . . "

Wathi, "O, Bill." Washo ukuthi kanjani, ekhuluma ngokuthi wayesekhuluphala kanjani, izinwele zakhe ziba mpunga.

91 Ngathi, "S'thandwa, ubungaba banzi *kangako* futhi ungabi nazinwele, ngisazokuthanda ngokufanayo nje." Niyabo? Ngoba

kufanele kube yinto ethize lapho ofanele u, onayo, ufanele uhlangane, ukuthi uthanda umuntu othize.

92 Futhi ngaphandle uma lowomuntu ethanda lowo omunye umuntu. . . Lokhu ngokwenu mantombazane asemancane eningaganiwe, niyabo, nani bafana. Lapho uhlangana naleyontombazane oyithandayo, futhi kukhona into ethize nje owaziyo ukuthi uyayithanda, futhi yilokho kuphela okukhona kukho, noma uyamthanda nalokho, awunandaba noma ngabe uyabukeka, noma ngabe akabukeki, noma ngabe muhle noma akamuhle, lokho akunandaba, kodwa ubathanda ngokufanayo nje, manje, ubufanele ubhekisise kangcono, uthi ukubamba uzungeze usondele lapho, ngoba lokho ngukuthi, usondela ekhaya lapho.

93 Futhi mina. . . ku. . . U—umshado osekelwe ngaphandle kwalokho ngokuqinisekile uzowa, kungenjalo awusoze waphumelela, awusoze wajabula. Manje, ngishilo lokho ukuba ngizungeze into eyodwa engifuna ukuyisho: Bangani, ukuphenduka, ngaphandle kwento efanayo, ngeke kuhlale isikhathi eside nakho, kungeke. Lapho uya esontweni, futhi—futhi uthi, “Awu, ngizojoyina ibandla, futhi ngizobhaphathizwa.” Uma lokho kungaveli enhliziyweni yothando kuNkulunkulu ngaleya, akusoze kwaya ndawo, uzovele nje, konke oyokwenza ngukujoyina ibandla futhi ubhaphathizwe.

94 Kodwa lapho uphendukela kuKristu, uthando kuKristu, khona-ke uqongelela ukukholwa kuKristu, njengoba ubungenza kumkakho, noma kumyeni wakho, uqongelela ukukholwa ukuthi uhamba kulokho kukholwa, angazi, wena nje, into ethize ngawe, unento nje ekugxilisa okwehange lapho, uyabo.

95 Awu, leyo yindlela efanayo okuyiyo ngoKristu, nalokho uKristu akushoyo, uyakukholwa, futhi nje uhlala nakho ngqo. Futhi yileyondlela, kukuphakamisa nje ngqo ngaphezu kwakho, noNkulunkulu uyakufezekisa futhi agcwalise isithembiso saKhe, “Uma uzokholwa eNkosini uJesu Kristu, wena, nendlu yakho niyakusindiswa.”

96 Ngakho manje, ngicabange nje ukuthi ngizosho lokho, futhi sengi—sengithathe isikhathi esiningi kakhulu sakho, imizuzu engamashumi amathathu ukusho lokho. Kodwa niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini manje, kuyilokho-ke.

97 Uma ungakholwa eNkosini uJesu Kristu, kungabi ngensindiso yakho kuphela, ngabathandekayo bakho, ngokuphulukiswa komntwana, noma ngomama, noma nganoma yini oyifisayo elungile, futhi uyazi uma ubufisa into ethize ebingalungile, u—ubungeke ube nokukholwa okwenele ukucela uNkulunkulu endaweni yokuqala, ngoba uyazi ukuthi akulungile, niyabo, uma uqotho futhi wazi ukuthi kulungile, khona-ke ungacela uNkulunkulu ngenhliziyo ehlanzekile,

wazi ukuthi akusiyo injongo yobugovu, nempokophelo yakho nenjongo yakho ilungile impela, khona-ke cela uNkulunkulu, futhi njengomntwana, kholwa ukuthi uyakuthola futhi uyakuthola. Manje, ngiyakwazi lokho.

98 Manje, ngiza kuKristu ngenkathi cishe ngineminyaka engaba ngomunye walababafana *lapha*, ngiqagele, ngangithi angibe neminyaka engamashumi amabili ubudala, futhi ngi—ngiMkhonze sonke lesisikhathi, futhi nginamashumi amahlanu-nambili, ngibe namashumi amahlanu-nantathu, usuku lwami lokuzalwa, futhi ngobuqotho ngingasho ukuthi angikaze ngicele uKristu, ngobuqotho, nganoma yini, lokho ngukuthi, kungukuthi, manje, lokho ngobuqotho ngempela waMbuza, noma yini eyayilungile, kodwa lokho Angipha khona, noma wangitshela ukuthi kungani Engenakukwenza; kwase kuthi-ke kamuva, ngathola ukuthi kwakuyinto enhle ukuthi angikutholanga, niyabo.

99 Kodwa khumbula nje, lapho ukholwa kuYe, yiba nokukholwa kuYe, futhi uMethembe, unga—ungazami ukuzishova ukuba ukwenze, hlala nje naYe futhi ukuzindle kuphume.

100 Njengokuthi uma u. . .ukuba bengiza kuMfowethu Welch, lapha, ukuboleka i—inkulungwane yamadola, ngiqagele angikwazanga ukuyithola, ngoba angahle angabi nayo, kodwa ukuba ubenayo, futhi, ngi—bengingayithola. Manje, bengiyoza futhi ngizame ukubeka udaba phansi, ngifike ngithi, "Welch, nginike inkulungwane." Akusiyo indlela yokukwenza leyo. Leyo akusiyo indlela yokucela uNkulunkulu. Bengizokwenyuka, bengiyothi kuMfowethu Welch, bengiyothi, "Ngingakhuluma nawe imizuzu embalwa, Mfowethu Welch na?"

"Impela, Mfowethu Branham."

101 Ngiwelele kolunye uhlangothi bese ngihlala phansi, ngiyothi, "Mfowethu Welch, into yokuqala, ngifuna ukukubuza: Unayo inkulungwane yamadola ongangibambela yona na?"

Awu, yena, uma yena. . .si—singabangane, noma ubeyobe ecela mina, noma mina yena, noma omunye wenu bazalwane, bekungafana, besiyothi, "Yebo."

102 "Manje, nakhu ukuthi kungani, engikufunayo," bengiyobeka phansi futhi ngimkhombise, ngithi, "Mfowethu Welch, ngingapha emhlanganweni, ngimelene nakho ngokoqobo, ngi—ngifanele ngilishiye idolobha, futhi nginesikweletu samadola ayinkulungwane, ngi—ngifanele nje ngibe nemali evela ndawondawo, iNkosi ikubeke enhliziyweni yami ukuba ngize kuwe." Futhi ngizokuchazela. "Manje—manje, komunye umhlangano engibe nawo endaweni *ethize*, nginamadola ayinkulungwane angenayo, okuzoba cishe izinyanga ezintathu kusukela manje, ngingakukhokhela, ngizokukhokhela inzalo kuyo, uma uyifuna."

103 Futhi nje ngikubeke phansi konke bese ngimchazela khona, ngani. “Angifuni ukushiya lelodolobha kanjalo, kuyinto embi egameni lami uma ngenza lokho, futhi khona-ke bazothi, ‘Akalutho kodwa umkhohlisi no*kweba*, futhi—futhi ushiya idolobha ekweleta imali.’” Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Bengiyokuchazela khona, ngihlale phansi njengomfowenu futhi ngikuxoxe nawe.

104 Awu, ngikholwa ukuthi uma bengingenza lokho, futhi—futhi uyangithanda njengoba wenza, ubungenza noma yini, ubungabambisa ngemoto noma uthengise okuthile okuphuma endlini ukuze uthole imali. Manje niyabo, ubungakwenza, noma yimuphi wenu ubengakwenza, nami bengingakwenzela.

105 Kodwa bekungaba, i—into efanele ukuba yenziwe ngukuza uhlale phansi futhi nikuxoxisane omunye nomunye, kwazise—kwazise, niyabo, sizwakalise imizwa yethu komunye nomunye, “Ungumngane wami, yingalesosizathu ngiza kuwe.”

106 Manje, leyo yindlela efanayo okungayo ngoKristu, uthi, “Wena uyiNkosi yami, ngi—ngi—ngiyagula. Ngi . . . u—udokotela uthi akukho angangenzela khona, kodwa—kodwa ngiyazi ukuthi Ungakwenza, ngoba UyiNkosi yami.” Futhi—futhi nje—nje ukukhulumisane naYe uze uzwe-ke ukuthi—ukuthi—ukuthi uyakwemukela, futhi lokho ngukukholwa kwakho, “Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.”

107 Futhi mina, lapho ngizwa ngaleyondlela, kuhle nje njengoba nginakho, impela, ngiyaqhubeka, ngoba nginakho, niyabo, sengikwenzile, manje, Usevele ungethembisile ukuthi nginakho, ngakho lokho—lokho kuyakuxazulula, futhi ngilokhu ngibambelele nje, ngilindile, ekugcineni, into yokuqala niyazi, nansi ithululeka yehla iphuma emihubheni yaseZulwini, futhi u—unakho.

108 Kodwa yilokho okubonayo, “Wena, nendlu yakho niyakusindiswa.” Futhi uma ungababoni bonke besindiswa ngaphambi kokuba ushiye umhlaba, uyo . . . bazoba lapho lapho uthola . . . isikhathi, lapho kufika ukuFika okukhulu, kuyoba lapho.

109 Manje, niyaqonda ukuthi ngiqonde ukuthini na? Niyabo? Kungokukholwa senza konke, kholwa eNkosini. Kholwa eNkosini ngomsebenzi, kholwa eNkosini ukuzingela i . . . ikunike unkosikazi ofanele ube naye, kholwa eNkosini ukuba ikunike umyeni ofanele ushade naye, kholwa eNkosini ukuba ikuthumele ifenisha entsha, noma uma i—uma umphongolo ungenalutho nophiso lome, futhi akukho kudla, nabantwana balambile, kholwa eNkosini. Kholwa eNkosini nganoma yini, niyabo, inqobo nje uma kulungile, kholwa nje eNkosini futhi “uyaku,” niyabo, kuyakuza. Angikaze ngikubone kwehluleka empilweni yami yonke. UNkulunkulu akubusise.

110 Kuthiwani ngawe ungifundela eminye yaleyomibuzo na? Ungangifundela yona na? Ngi—ngithemba ukuthi ngiyithola kahle lena. Angifuni ukunihlalisa isikhathi eside kakhulu manje, cishe, mhlawumbe cishe imizuzu eyishumi, futhi—futhi—futhi ngimnike, uJimmy, isikhathi esincane sokuyifundisisa laphaya, ukubona uma . . . Futhi bazoba, bangibuze ngingenalwazi, khona lapho, futhi ngakho, uma ngingenakuyisho, awu nizoqonda.

111 Kodwa niyaqonda ukuthi ngiqonde ukuthini manje, ukukholwa na? "Kholwa eNkosini uJesu Kristu, futhi wena, nendlu yakho niyakusindiswa." Zikholelwe wena, futhi ukholelwe indlu yakho, futhi uzakuba nakho. Uthi, "Awu, udokotela uthe angeke ngiphile." Awu, uma ungakholwa eNkosini, ungaphila. "Awu, angisebenzi." Kodwa uma uzokholwa eNkosini, uyabo, futhi uzakuba nomsebenzi. Futhi, "A—angazi ukuthi ngenzeni nga*lesi*simo." Kholwa eNkosini.

112 Bukani lapho okuhlezi khona nami khona manje, nenkosikazi lapho, Bengihlale ngicabanga ukuthi iNkosi ibifuna ngisuke eJeffersonville. Manje, sekufike endawaneni, ngaze ngadingeka nje ukuba ngizinikele kuYo, ngakho-ke ngilapha, Iyazi ukuthi ngikuphi khona lapha, kulobubusuku, ngakho, futhi nomaphi lapho Efuna ngiye khona, ngizohamba, nalokho Efuna ngikwenze, ngizokwenza, futhi ngizohambisana ngqo aze Angitshele, niyabo.

113 Kulungile, Jimmy, usunayo yini, mfana wami?

[UMfowethu Jimmy Evans ufunda imibuzo kaMfowethu Branham—Umhl.]

> [**Lapho uHlwitho lwenzeka, ngabe yonke imindeni yamakholwa, unkosikazi nabantwana bayohamba na? Basekukholweni nasekuthembeni kuJesu Kristu njengeNkosi.**]

114 Yebo, yebo. **Ngabe wonke umndeni uzoya o—oHlwithweni na?** Niyabo, yebo. Niyabo? Manje, uma niqaphela, uHlwitho luzoba yinto yomhlaba wonke. Futhi, ngabe nonke nisitholile sonke lesosifundo kahle ngeSonto na? Nonke nikuqonda kahle, ngokuthi sisondele kangakanani esikhathini, *AmaSonto Angamashumi AyisiKhombisa KaDanyeli* na?

115 Nonke benilapho ngeSonto, beningekho na? Ya. Kulungile. Awu, ngiyacabanga, Mfowethu Welch, unayo iteyipu yakho, futhi abanye benu bebengayidlala. Futhi—futhi ninebalazwe lakho, ngiyakholwa, aninalo na? Futhi kudwebe nje, futhi—futhi, kulabo obengekho lapha, mhlawumbe ubachazele khona, niyabo, ukuze ba—bakuthole. Ngifuna nibone nje ngemiBhalo ukuthi anginazwi elilodwa ukuba ngilisho kukho, imiBhalo nje iyakufakazisa, ukuthi si—sisesikhathini sokuphela.

116 Manje, besikhuluma namhlanje, abazalwane. Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, uma ukholwa ukuthi uHlwitho lusondele kangako, pho uhambelani ukuyodoba na?" Uma

ngibeka umqondo wami kukho njalonjalo, bekuyocishe impela kukwenze isidlwangudlwangu, lapho ucabanga ngamashumi ezinkulungwane zabantu phandle lapha esonweni abangamazi uKristu, futhi ngicabanga ukuthi "Ngilapha, ngingenzenjani na?"

117 Kodwa nakhu engikucabangayo: Ngingesindise oyedwa ngaphandle uma uNkulunkulu ebabizile. Niyabo? Angikwazi ukukwenza, futhi ngingekwazi ukubasindisa noma kanjani. Kodwa, "Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Ngakho uma Engangitsheli ukuthi angiye kuphi, khona-ke ngingenzenjani na? Niyabo?

118 Ngakho, into engiyenzayo, ngukuthi nje ngi—ngingakhandleki ngakho konke, lokho bekungaba kubi kakhulu kunanini, Ngiyajabula ngakho, nje ngi—nje ngipakishile futhi ngilungele, niyazi, "Nxa Lufika, Nkosi, ngilapha." Ngilindile nje.

119 Futhi manje, nakhu okwenzekayo: A—abangcwele abahlwithiwe, njengoba niqaphelile eshadini ngeSonto... Manje, abazalwane basekuqaleni bePentecostal, noma, abazalwane abangasekho bePentecostal ungakuniki lokho, lelo igumbi lamabandla elingemuva ngokwanele lapho, angikholwa. Kodwa ngikholwa ukuthi wonke umKristu ozelwe ngokusha... Futhi sizalwa kanjani ngokusha na? Lapho sikholwa eNkosini uJesu Kristu, niyabo, futhi semukela...Manje, angikholwa ngoba nje uthi engqondweni yakho, uyakholwa, ngikholwa ukuthi impilo yakho iyasho ukuthi ungumKristu ngempela noma qha. Mina...Wena uthi, "Yini..."

120 Namhlanje, inenekazi ezansi lapho, lisho *enye into ethize* ngokuba ngu—ngumKristu noma *enye into ethize*, futhi lathi, "Futhi liphi ihlelo na?" Niyabo, ngokushesha impela bafuna ukwazi ukuthi yiliphi ihlelo.

Ngathi, "Angisiye owanoma yiliphi ihlelo, umKristu nje." Niyabo?

121 UmKristu, wena uthi, "Awu, u*mKristu* kusho u 'Campbellite.'" Qhabo, lokho yi—lokho yi...bavele bababize ngo, "mKristu," kodwa lokho akusho ukuthi "umKristu." Ngazi abantu abaningi engingacabanga ukuthi bangabalokho okwakubizwa ngeChristian Church elalingesiwo amaKristu. Nabefundisi abangamaKristu bazonitshela into efanayo yeChristian Church, ukuthi banamalungu amaningi angewona amaKristu.

122 Kodwa u*mKristu* akasilo ibandla okhonza kulo, kuyisehlakalo obe naso sokuzalwa emndenini kaNkulunkulu.

123 Manje, qaphelani kulokho, uHlwitho luzoba semhlabeni wonke, ngoba Wathi, "Kuyoba nababili ensimini, futhi Ngizothatha oyedwa ngishiye oyedwa. Bayoba babili embhedeni, Ngizothatha oyedwa ngishiye oyedwa." Niyabo, lapho

kumnyama ngakwelinye icala lomhlaba, lapho bebabili osembhedeni, kuyoba yisikhathi sokuvuna ngakolunye uhlangothi lomhlaba lapho kuyoba khona ababili ensimini. Niyabo? Futhi kukhombisa ukuthi kuyofika uHlwitho olulodwa olukhulu kakhulu, luyophuma ngqo ezweni. Niyabo? "Ababili ensimini, futhi Ngizothatha oyedwa, ngishiye oyedwa. Ababili embhedeni, Ngizothatha oyedwa ngishiye oyedwa."

124 Manje, si—siyabona ukuthi . . . Bese kuthi-ke wonke umuntu owafunyanwa elotshwe eNcwadini wakhululwa ngaloloSuku lwalokho, ngaphambi kwalokho kuhlupheka. Ngakho, uma abantwana bakho, umama wakho, abathandekayo bakho, noma ngabe bangobani, uma igama labo lilotshwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu, bantwana bami abaligugu, niyoba lapho ngqo.

125 Akunandaba ukuthi sikuphi, uma—uma mina, ngindizela phesheya kwezilwandle, ne—nebhanoyi liqhuma emoyeni futhi mina, anitholi neze ngisho uphisi wami kulomzimba, lokho ngeke kuhlanganise lutho nakho. Niyabo? Ngizoba lapho ngqo ngokufanayo nje. Ungakhathazeki ngalokho, ngizoba lapho ngqo ukuxhawula futhi—futhi ngidumise iNkosi kanye nawe, ngiYithwese umqhele iNkosi yenkosi noMbusi wombusi. Niyabo?

126 Ngicabanga ukuthi mhlawumbe, emzimbeni kaPawulu, akusekho ngisho nechashaza lothuli elisele, cishe impela, kodwa zonke izinto zokwakha ezakha umzimba wakhe zindawondawo, ngakho ziyobuthana ndawonye ngalolosuku.

127 Lapho ufa, empeleni awufi, umKristu akanakufa, ayikho into okuthiwa ukufa komKristu, ayikho eBhayibhelini.

128 Njengalapho uLazaru, Wathi . . . bathi . . . "Umngane wethu—wethu uLazaru ulele," uJesu washo. Niyabo, Akazange athi wayefile, wathi, "Ulele."

Bathi, "O awu, uma elele ngi—ngicabanga ukuthi wenza kahle-ke, u, ufanele ukuthi uphila kangcono."

129 Ngakho Wadingeka akhulume ulwimi lwabo, Wathi, manje, ngenye indlela, "Ngolwimi lwenu uqobo, ufile. Futhi ngiyajabula ngenxa yenu," ukuthi Wayengekho lapho, "Ngizohamba, futhi ngimvuse." Niyabo? O, yebo. Niyabo? Lala, bona WayesenabaKhe uQobo, niyabo, "Ngenxa yenu, ngendlela yenu yokukwazi, ufile, kodwa kiMi, ulele, futhi Angizuku—Angizukumvusa, Ngizomphaphamisa nje." Niyabo? "Ngizomphaphamisa."

130 Futhi ngakho, ni—niyaqaphela ngenkathi uJesu, qobo lwaKhe, efa . . . Niyabo, kunezingxenye ezintathu zomzimba, e, ngakho, e, ngezingxenye ezintathu zethu, umphefumulo, umzimba, nomoya, njengoba nibonile *ImiNyaka YeBandla EyisiKhombisa*, nganginakho kudwetshiwe; iminyango emihlanu yokungena emzimbeni, ukubona, ukunambitha,

ukuthinta, ukuhogela nokuzwa; nonembeza, kanjalonjalo, emphefumulweni; bese—bese kuthi-ke emoyeni, munye umhubhe, lokho ngukuzikhethela kwakho uqobo, lokho nguku "thatha isinqumo," niyabo, ungakwala noma—noma ungakwemukela.

131 Futhi ngakho manje, lapho umuntu emukela uKristu futhi asindiswe, abendlu yakho yonke, wonke umndeni wakho, wonke umndeni womhlaba uzosindiswa, manje, lapho, noma, ungena.

132 Ngenkathi uKristu efa, Wanikela uMoya waKhe kuNkulunkulu ngaphambi kokuba Ashiye i—isiphambano, Wathi, "Ezandleni zaKho Ngiyawubeka uMoya waMi." NeBhayibheli lathi uMphefumulo waKhe waya esihogweni futhi washumayela, lowo ngunembeza waKhe nalokho Ayeyikho, emimoyeni eyayisekuboshweni nomzimba waKhe waya ethuneni.

133 Manje, niyabo, Wayesemva komgoqo wemiBhalo, Wayengenakuvuka izinsuku ezintathu. NoMoya waKhe wawusemuva phezulu *lapha* eBukhoneni bukaNkulunkulu. Manje, emva kwezinsuku ezintathu, lowoMgoqo wehliswa, ngoba umBhalo wagcwaliseka, noMoya waKhe waya eMphefumulweni, noMphefumulo waya emzimbeni, Wavuka. Washo ngaphambi kokuba Afe, Wathi, "Nginamandla okubeka ukuphila kwaMi phansi, Nginamandla okukuthatha futhi."

134 Manje kucabangeni, nonke phakathi lapha, ngokwazi kwami, kulobubusuku, ngamaKristu, manje bukani, iNto ekuwe manje, uMoya okuwe manje, nguMoya ofanayo ozokuvusa. Unamandla okubeka impilo yakho phansi, ukwenza khona manje ngoKristu, futhi khona-ke unamandla okukukhuphula futhi. Niyabo? Unamandla okukubeka phansi, namandla, ukukuthatha, ngokuba Kuyiwo impela uMoya kaNkulunkulu okuwe okuvusayo, yiwo impela uMoya kaNkulunkulu owawukuKristu owaMvusayo. Ngakho wena unamandla okukubeka phansi, wena unamandla okukuphakamisa.

135 Futhi lapho ufa, noma, futhi wena, abathandekayo bethu, noma omunye umuntu eqhubeka phambi kwethu, abafile, umoya wabo unoNkulunkulu, umphefumulo wabo uphansi kwe-altare likaNkulunkulu, umzimba wabo usethuneni, futhi bayazi ngqo ukuthi ukuphi.

136 Ngakho, kwenzekani na? Lapho umBhalo wonke usugcwalisekile, njengaseBhayibhelini wathi, "Lemiphefumulo iphansi kwe-altare, yayikhala, 'Nkosi, koze kube nini, koze kube nini na?" Bafuna ukubuyela emhlabeni futhi babe semizimbeni. Wathi, "Isikhashanyana nje, izinceku ezikanye nani zize zihlupheke njengani ngenxa yobufakazi bukaKristu."

137 Khona-ke niyabona lapho lowomBhalo usugcwalisekile, khona-ke leyomimoya yehla kahle, iqonde ngqo phansi kwe-altare lapho bese ithatha lowomphefumulo, lowomphefumulo

wehla ngqo futhi ucoshe umzimba, futhi nakho lapho okhona, uvusiwe futhi. Cabanga ngakho, uMoya oNgcwele okulendlu ngqo kulobubusuku, uMoya oNgcwele o*lapha* ngqo enhliziyweni yami, uzongivusa ngosuku lokugcina.

138 LoMoya oNgcwele okimi manje, uzoqinisekisa ukuthi nginomusha, umzimba ongafi futhi ongalokothi uhambe. . . UMoya oNgcwele okuwe, uzoqinisekisa ukuthi izinwele ezimpunga zizofiphala futhi noma ngabe kuyini. Futhi wena, nomdala, uma usumdala *kangaka*, nobuhwanqa behla, futhi uhamba *kanjalo*, akwenzi nowodwa umehluko omncane, lowoMoya oNgcwele ofanayo kuwe uzokuhlwitha ubuye ngqo ngaloloSuku, ensizweni nje nentombi; lelo yiBhayibheli. Kunjalo.

139 UMoya okithi khona manje, khona manje, hhayi Lowo o*zo*fika, Lowo okithi *manje*. NguNkulunkulu kuwe manje. Futhi Uzovusa . . . Ungaziphakamisa wena uqobo. Futhi kungani ningenakukwenza manje na? Ngoba, niyabo, kukhona umBhalo obambelele, ufanele ulinde kuze kube uHlwitho.

140 Niyabo, nakho lapho okhona, ufanele uhlale khona lapho. Niyabo? Awuvunyelwe ukuphakama ka*ngaka*, uma bekungaba njalo, ngani, besinga, ngathi, besingazakhela izwe elincane eliyimfihlo, ubuyophila ngale ezweni elilodwa, nami kwelinye, futhi khona-ke bekungebebikho ukuFika kweNkosi uJesu. Futhi bekuyoba yini na? Niyabo?

141 Kodwa unamandla okukwenza. Isithunzi esincane nje esincane sika—sikaNkulunkulu sasingenza noma yini, ngoba niyabo, U—Unamandla onke. Niyazi ukuthi yini o*namandla onke*. . .? Ungongenasiphelo, ongenasiphelo, ongenasiphelo nonamandla onke. Lokho ngo*kungenasiphelo*, akukho nje qhabo, awu, u—u—ungeke nje wakuchaza, uyazi. *Okungenasiphelo*, kufana nje nekhamera, okungenasiphelo, kusuka nje *lapho* kuqhubeke. Bese kuthi-ke *onamandla* onke u "namandla onke." Uhlala njalo- . . .

142 Ngimi ngaleya, futhi ngibuka engilazini, futhi ngangingabona iminyaka eyikhulu namashumi amabili-ezigidi zebanga lokukhanya, ngenkathi lowo—ngenkathi lowosonkanyezi wayengikhuphule ukuba ngibuke, wangibukisa ngaleyongilazi enkulu ngalobobusuku, ngangingabona iminyaka eyikhulu namashumi amabili-yezigidi zebanga lokukhanya.

143 Awu, ukhuluma ngoJupiter noMars nalezizinkanyezi ozibonayo manje, awu he, cabanga ukuthi ikhulu ne. . . Ukukhanya kuhamba cishe, kuyini na? Amashumi ayisishiyagalombili. . .? Ikhulu, amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha amamayela ayizinkulungwane ngomzuzwana, amamayela ayizinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili-nesithupha ngomzuzwana, futhi kuthathe

iminyaka eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili. Wewu! Ngomzuzwana owodwa, izinkulungwane eziyikhulu namashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, futhi sikuhlakaze eminyakeni eyizigidi eziyikhulu namashumi amabili. Manje-ke unani na? Lokho ngamamayela. O, he! Kusenza nje sizizwe sengathi u— nje u . . . Niyabo?

144 Kodwa manje, bese kuthi-ke ngale kwalokho, ziningi nje inyanga nezinkanyezi njengoba bezikhona . . . Futhi Uzibamba ngamandla eZwi laKhe uQobo. Futhi yona leyoNto efanayo ezibambayo ikuwe njengomKristu. O, he! Niyabo, niyabo, nakho lapho okhona. Ngakho lapho, yilokho oyikho.

145 Niyabo, abantu bazama ukucabanga, "Awu, ngingumKristu, ngiqagele ngizodingeka ngibanjwe njengenja." Qhabo, awukwenzi. UngumKristu, mfowethu! Lokho yi-high- . . . Uyindodana kaNkulunkulu. UBaba wethu uyiNkosi, impela. Amen. Futhi uBaba wethu, eyiNkosi, singa—singamadodana aKhe, siyinkosana nenkosazana, amen, eNkosini. Niyabo? Okuphakeme kunakho konke okukhona, okuphakeme kunakho konke okungaba khona, wona impela uMoya kaNkulunkulu wethu ukithi. Yilokho-ke.

146 Ngakho, yini esiyikhathalelayo ngalokho okwenzeka lapha na? Niyabo, Nanso iNdawo esemqoka, lesi yisikhathi sokuhlolwa nje, lapho uBaba eseqedile, asihambe, asiye eKhaya. Niyabo? Ngakho, kwenza mehluko muni na?

147 Ngakho-ke kulokho, kholwa eNkosini uJesu Kristu, uma abantwana bakho bengasindisiwe, baze bathole ukusindiswa. NoJesu wathi, manje, khumbulani, uJohane oNgcwele 5:24, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni."

148 Manje-ke uma engezi ekwaHlulelweni, uyaphi na? OHlwithweni. Niyabo? Isizathu lokho ngukwaHlulelwa emva koHlwitho. Niyabo? "Akayikuya ekwaHlulelweni; kepha wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Ngoba ukholiwe eNkosini uJesu Kristu. Akumangalisi lokho na? Ngakho bona, abantwana bakho bayoba lapho nawe, abathandiweyo bakho bayoba lapho nawe, futhi ngethemba ukuthi ngilapho nani. Amen.

149 Kulungile, ingabe unawo omunye lapho, Jimmy Boy na?

[**Siyaqonda ukuthi izwe lenziwa ngokukholwa. Ngicela uchaze kancane ngokukholwa?**]

150 Izwe lenziwa ngendlela ethile. Manje, ngale kumaHeberu sithola ukuthi, siyaqonda ukuthi izwe lenziwa yi—yizinto ezingabonwayo.

151 Manje, ngizo—ngizozama ukusheshisa, ngoba angiyiqaphelanga yonke leyo emincane, yonke leyomibuzo lapho. Manje, ake sithathe nje, sibuyele emuva ohambweni

oluncane. Futhi—futhi sekuvele kungeleshumi, futhi ngitshele uMama ukuthi ngizolungela ukuhamba ngeleshumi. Ngabe u—uyozela kakhulu ukuba ulinde umzuzu nje, noma, ukhathele kakhulu na? Niyabo?

152 Awu, bukani, ngaphambi kokuba kubekhona noma yini, ake sibone, ngaphambi kokuba kube khona ukukhanya, ngaphambi kokuba kubekhona izwe, ngaphambi kokuba kubekhona inkanyezi, ngaphambi kokuba kubekhona i-athomu, ngaphambi kokuba kubekhona imolekhuli, kwakukhona uNkulunkulu. Ubani loMuntu, uNkulunkulu na? Ngabe Ungumoya, ngabe Ungukukhanya, ngabe U . . .? UnguNkulunkulu, yilokho kuphela ongakusho. Niyabo?

153 Cabangani nje, imolekhuli, kukhona kwi-athomu eyodwa encane, kunamamolekhuli a*maningi kakhulu*. Niyabo? Kwase kuthi-ke ngale kwemolekhuli, ngaphambi kokuba kubekhona ngisho elilodwa lwawo, kwakusekhona uNkulunkulu. Wayeyikho konke, wagcwalisa yonke into. Niyabo?

154 Manje, kuloNkulunkulu, manje, sizo—sizoMenza iSimo esincane—esincane ukuze nibone, manje, ngaphakathi kwalo—loMuntu uNkulunkulu, ngaphakathi kwa—kwaloMuntu kwakuyi, kwakukhona izingxenye ezingahlukaniseki, nalezozingxenye ezingahlukaniseki kwakuzoba nguBaba, wayezoba nguMphulukisi, wayezoba nguMsindisi; yilokho okwakukuloMuntu omkhulu, manje, Lokho kwakungaphambi kwemolekhuli noma yini, lapho kwakungekho mamolekhuli, kodwa kwakusekhona uNkulunkulu.

155 Manje, phakathi lapho kwakukhona izingxenye ezingahlukaniseki ukuba nguYise, ukuba yiNdodana, ukuba nguMsindisi, ukuba nguMphulukisi, ukuba yizo zonke lezozinto. Manje, loMuntu onalokhu . . . Manje, uma loMuntu, uNkulunkulu . . .

156 Manje, Akwenzayo, into yokuqala, ake sithi Wakwenza, ngokwazi kwethu, okuncane kunakho konke esingakuhlakaza, kwakuyimolekhuli. Futhi emva kokuba Esenze imolekhuli, Wenza izigidigidikazi eziyikhulu zawo ngomzuzwana. Nje, Wenzani na? Wakukhuluma kwabakhona. Futhi manje, wena . . . Nakhu kungaba yisifundo esihle khona lapha, ukuba nje besinesikhathi sokungena kukho. Niyabo?

157 Manje, Wakukhuluma, futhi ngenkathi Esho ukuba, amamolekuli aphenduka. Wayesethi-ke, "Makube-khona ama-athomu." Futhi kukhona imithetho ye-athomu, futhi asahlala kulowomthetho, asahamba, yonke into ihamba ngemithetho kaNkulunkulu.

158 Njengendoda ebenginitshela ngayo, umfo omdala uMfowethu Banks Wood nami sehla, niyazi, ukuyombona. Wayekhuluma nge . . . "Kanjani . . .?" Ngambuza, wayengumphikinkolo, futhi ngambuza, "Asishiya kanjani

lawomanzi esihlahla isihlahla ngo-Agasti, bese ehlela ezimpandeni na? Yini eyenza akwenze na?" Yena . . . "Yini eyenza amaqabunga abe nsundu na?"

Wathi, "Ngoba amanzi esihlahla . . . " washo.

"Kungani—kungani amanzi esihlahla ehla na?"

Wathi, "Awu, kungukuthi nje, ayehla."

Ngathi, "Uma-ke engehli na?"

Wathi, "Isihlahla siyofa."

159 Ngathi, "Awu, yibuphi uBuhlakani obenza lawomanzi esihlahla ehlele ezimpandeni na? Beka ibhakede lamanzi esigxotsheni bese ubona ukuthi azokwehla yini ngo-Agasti." Niyabo? Ngathi, "Buhlakani buni obenza lawomanzi esihlahla ashiye isihlahla futhi ehlele ezimpandeni na? Into ethize ikutshela ukuthi yehlela lapho, kungenjalo sizoba yiqhwa futhi sife, lesosihlahla sizofa." Niyabo? "Futhi asikabi naso isimo sezulu esibandayo noma lutho okwamanje. Kodwa ku . . . "

Wathi, "Awu, yi—yimvelo nje."

"Awu—awu, yini imvelo na? Ngitshele ukuthi iyinbi imvelo." Niyabo? Imvelo ingumthetho kaNkulunkulu, ya, ngumthetho kaNkulunkulu.

160 Manje, ukukholwa kungumthetho kaNkulunkulu, niyabo, into efanayo. Onke lamandla kaNkulunkulu esikhuluma ngawo afinyelela kithi ngokukholwa, "Konke kuyenzeka. Yisho kulentaba, nqukuleka, futhi ungangabazi enhliziyweni yakho. Kholwa ukuthi okushilo, kuyafezeka, ungaba nakho." Kuyafinyeleleka, uma unomthetho, nakho-ke, niyabo, umthetho ngukukholwa okulawula zonke izinto.

161 Manje, uNkulunkulu ngomthetho waKhe, wenza amamolekhuli, lowo ngumthetho kaNkulunkulu, khona-ke uNkulunkulu wenza ama-athomu, kwase kuthi-ke kulokho, uNkulunkulu wenza ilanga, kusukela kulokho, ngelanga wenza izinkanyezi, ngenkanyezi . . . (Lezo yizicucu ezincane zelanga zindiza.) Wayenani na? Emuva le lapho yizingxenye zaKhe ezingehlukaniseki ziziveza obala.

162 Bese-ke kufika izwe, futhi emva kwezwe kufika okudaliweyo, futhi emva kokudaliweyo, kufika umthetho kokudaliweyo. Emva kokuba sekukhona izwe . . . Yini eyenza lelizwe na? Angakuchaza kanjani noma ubani na? Phendula ibhola noma ngayiphi indlela ofuna ngayo, uliphose emoyeni, ngeke lenze ukuphenduka okubili, futhi kwenze kube yisigidigidikazi esiphendukayo ngomzuzwana, ngeke lenze ukuphenduka okubili endaweni efanayo, futhi nokho, sinerekhodi leminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, lelizwe alikaze ligeje isikhathi, liphenduka amahora angamashumi amabili-nane impela nje, ungami ndawo. Niyabo?

163 Yini leyo na? LoMuntu omkhulu, ngaphambi kokuba kubekhona izwe... Ngaphambi kokuba kubekhona izwe, lowo yilowoMuntu omkhulu phakathi lapho, umthetho kaNkulunkulu uwenza uphenduke. Umthetho kaNkulunkulu ofanayo, Wawukhuluma nje wabakhona, UnguMdali, Uyadala. Niyabo? Futhi yingakho izwe lenziwa ngaphandle... Ngokukholwa, uNkulunkulu wenza izwe, ngoba ukukholwa kwaKhe uQobo, niyabo, wenza izwe. Futhi yileyondlela...

164 Manje, Yena, noma, niyabo, Uyehla enza umuntu nazo zonke izilwane, waze Wehlela esonweni, kodwa Wayengenakusenza isono, ngoba Angeke alunge noYise wokulunga, futhi enze isono. Ngakho niyazi ukuthi Wenzeni na? Wenza umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo, futhi azi ukuthi wayezowa, kodwa wambeka phezu kwesisekelo sokuzikhethela, Wathi, "Manje, ungawuthinti *lo*muthi."

165 Manje, Wayengeke athi... Manje, Wayazi ukuthi wayezowuthinta, kodwa Wayengenaku...?... yena ukuba awuthinte, ngoba Wathi, "Thinta *lo*Muthi, uyaphila, ungathinta *lo*muthi futhi uyafa." Niyabo?

166 Futhi Wayazi ukuthi umuntu uyohluleka, kodwa nokho Wayengenakumenza ehluleke, wayefanele akwenze kweyakhe... ngakho—ngakho lokho kwenza uNkulunkulu abe ngolungileyo, niyabo, umuntu wawa yena uqobo. Emva kokuba Emenze wasondela kakhulu kuYe uqobo, Wambeka phezu kwesisekelo sokuzikhethela, futhi ngakho-ke, yilapho awela khona, ngesenzo sakhe uqobo sokuzikhethela wawa.

167 Futhi namhlanje, ngamunye wenu bantwana, futhi ngamunye wethu abadala ubekwa ngakuyo imithi emibili efanayo, singakwemukela ukuPhila, noma siKwenqabe. Niyabo? Ngakho uNkulunkulu wakukhuluma nje kwabakhona, nezwe labunjwa, lona kanye leliphansi liyiZwi likaNkulunkulu, lento *lapha* iyiZwi likaNkulunkulu, imizimba yethu iyiZwi likaNkulunkulu, nayo yonke into ekhona, yiZwi likaNkulunkulu, niyabo, ngoba konke kwavela kuNkulunkulu.

168 Kulungile, mnumzane. Manje—manje, uma lokho kungalungile, uma lokho kungakucacisi, ngani, ni—ningangibhalela inothi, nililethe ebandleni, uma nifuna.

169 Kulungile, Mfowethu Jimmy.

[**KwabaseKorinte bokuQala 16:22, chaza.**]

170 Ake sibone, kwabaseKorinte bokuQala 16:22. Kulungile, mnumzane, umzuzu nje. Lezi—lezi ezincane—lezizifundo ezincane emiBhalweni ngempela zingasisiza. Bekunga—bekungakuqinisa futhi kukwenze—kukwenze uqine, amadoda anamandla.

171 Ishumi nesithupha wena ushilo, ndodana na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] "...makabe..." O, bakithi,

angazi noma ngingalibiza lelogama noma qha. A-n-a-t-h-e-m-a M-a-r-a-m-a-t-h-a. Omunye unelinye iBhayibheli, niyabona ukuthi kucazwa kanjani. Lokho yi *anathe*-. . .Uthini? Kuzwakala sengathi lokho bekungaba njalo. Kuyini, Fred na? Tholani i, tholani elinye, ngabe ukhona umuntu onelinye iBhayibheli na? Ubone ukuthi kukhona yini phakathi lapho.

172 Anathema. Awu, yini *oqalekisiweyo* na? Manje, ungitholele. Uyazi, Fred na? Noma ubani, noma ubani kini uyazi ukuthi yini *oqalekisiweyo* na? Unesichazamazwi na? Singakuthola emzuzwini nje, sithole isichazamazwi.

173 Kulungile, esalithola lelo, mhlawumbe ngingawuphendula omunye. Kulungile, Mnumzane.

[**Chaza, "Ngabona uSathane, ngombani, ewa evela eZulwini."**]

174 "Ngase ngibona uSathane ewa evela eZulwini njengombani." Ngale kuLuka yilapho. . .kunikeza umBhalo lapho na? Nje, awu, ngicabanga ukuthi yilokho okuyikho.

175 "Ngabona uSathane ewa evela eZulwini njengombani." Manje, lowo, manje, ngizovele nje ngiveze lokhu ngomusa, futhi uma kungakwenzi, khona-ke wena—wena nje ungazise, futhi ngizongena emininingwaneni. Niyakhumbula. . .? Sizo—sizokuthola lokho lapho singena, siqhubekela phambili singene emiBhalweni ekutadisheni kwethu laphaya kulokho.

176 Niyazi, uJesu, lokho kwakumasinya ngemva kokuba uJesu enika abafundi baKhe amandla okumelana nomoya abangcolileyo, futhi baphuma bekhipha amademoni. Wabathuma ngababili, Wayesethi, "Ningayi kwabeZizwe, kodwa kunalokho yanini ezimvini ezilahlekileyo zika-Israyeli. Futhi ekuhambeni kwenu, shumayelani-ke uMbuso weZulu; futhi niphulukise abagulayo, futhi nikhiphe amademoni," kanjalonjalo. Awu, manje-ke, bese kuthi-ke, babuya bethokoza, ngokujabula (Manje, wena obuze umbuzo uyazi ukuthi yilapho okukhona, niyabo.), buya ngokujabula uthokoza. Futhi Wathi—futhi Wathi, "Ningathokozi ukuthi amagama enu, a, ningathokozi ngokuba amademoni enithobela, kodwa thokozani ngokuba amagama enu alotshiwe eZulwini." Wathi, "Ngabona uSathane ewa evela eZulwini njengombani."

177 Niyabo, amandla aleloBandla eqhubekela phambili ayesanda kuchitha wonke umbuso kaSathane, niyabo. Futhi Wambona lapho ewa esuka endaweni yakhe ngoba uNkulunkulu waphinda futhi wanikeza amandla eBandleni laKhe ukuba liye e. . .Wambona ewa njengombani uvela eZulwini. Waphonswa wathi ngqu ngaphandle kwezindawo ezingcwele nayo yonke into, niyabo, ngamandla e tho-. . .lawomandla aleloBandla, ngabo benamandla. UJesu wathi, "Ngininika amandla phezu kwawomoya abangcolileyo." Niyabo? Futhi bawuchitha

ngempela umbuso kaSathane. Yini ebesingayenza ngawo namhlanje na? O, ayibongwe iNkosi!

178 Kulungile, Mfowethu Jimmy, mhlawumbe unawo omunye na?

[**Chaza, "igazi etomini lehhashi," eSambulweni.**]

179 Izindingilizi zensimbi zamatomu, i-Armagedoni, e-hhe, eSambulweni. Manje, ngezinsuku zokugcina, sifika endaweni lapho uTitus, ngo A.D. 70, ethathe izingange zaseJerusalema, futhi wadiliza izingange zaseJerusalema. Basho ukuthi kwakukhona igazi eliningi kakhulu elachitheka phakathi kwalokho, khona impela esigidini noma amaJuda amaningi okwakungaphakathi kwezingange, baze babulala ngisho abesifazane, izingane, awu, kwakukubi kakhulu baze ba . . .

180 Babenqabe uMoya oNgcwele. Niyabo manje, uNkulunkulu, ngenkathi Yena . . . Ngenkathi belahla uKristu futhi baMbiza ngoBelzabule, Wathi, "Ngiyanithethelela ngalokho," niyabo, "Ngizonithethelela, kodwa," wathi, "ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyeza" ukwenza into efanayo Ayeyenza. Wathi, "Izwi elilodwa elimelene naLokho aliyikuthethelelwa."

181 Awu, benzani ngoSuku lwePhentekoste ngenkathi bebone labobantu bedazuluka, futhi besina, futhi benza sengathi babedakiwe, futhi bedazuluka, futhi bememeza, futhi beqhubeka na? Bathini na? Bathi, "Bagcwele iwayini, bayizidakwa," nakho konke kanjalo, iZenzo 2. Futhi bahlekisa ngabo futhi bababiza ngakho konke. Kwenzekani na? Kwababeka uphawu bengaphandle koMbuso kaNkulunkulu. Niyabo?

182 Kwase kuthi-ke ngenkathi lokho kuvinjezelwa kweJerusalema kufika, manje, sizokuthola lokho eSambulweni 7, sizobuyela ngqo kukho, noma ubani obuze umbuzo, sizobuyela ngqo kukho, bese kuthi-ke, futhi lapho be, uTitus ethatha izingange, umlando uthi, ngo—ngoJosephus, usomlando wasekuqaleni owahamba ezinsukwini zeNkosi yethu uJesu, futhi wayengusomlando omkhulu, washo ukuthi ngisho nokuthi igazi lagobhoza, laphophoza laphuma nje emasangweni kanjalo, babulala abaningi kakhulu babo phakathi lapho ngesikhathi esisodwa ngenkathi bengena.

183 Manje, iBhayibheli liyabikezela ukuthi ngezinsuku zokugcina ukuthi Uyocupha ubuKatolika, ubuRoma, nazo zonke lezozinto, nakho, ubukhomanisi, nakho konke okwa, ndawonye ezigodini zaseMegido lapho, kuze kube khona ukucekwa okunjalo phakathi kwabo, kuze kuthi igazi ligobhoze endingilizeni yensimbi yehhashi . . . itomu lehhashi. Niyabo, lokho kuseSambu- . . . lokho kuzoba se . . .

184 Kodwa makabongwe uBaba waseZulwini, Angicabangi ukuthi siyoba lapha, ngomusa waKhe, singeke, siyoba seNkazimulweni ngaleyonkathi, niyabo. Lokho kuyoba ngqo

emva kwa—kwa—kwabaprofethi ababili eseprofethile empini yase-Armagedoni. Yilapho lezi—lapho lezizizwe zabeZizwe ziba zimbi kakhulu, ziqhubeka nje, nomfelandawonye wamabandla, nakho konke lokhu kuhlangane ndawonye, noNkulunkulu uzothatha iBandla, iBandla eliKhethiwe eKhaya livela kuwo wonke umuntu. Futhi yonke intombi elele iyoba yi wait-. . .

185 Manje, leyo ndingilizi yensimbi yamatomu lapho kuyophuma ezintombini ezilele nazo zonke emuva ngalolosuku, nobukhomanisi, lapho bonke behlangana lapho, noNkulunkulu wathi Uyobancenga njengoba Enza e—ezinsukwini ezedlula, niyazi, lapho kulesosigodi. Futhi yilapho eliyogibela khona ezindingilizeni zensimbi zamatomu zamahhashi.

186 Nike nalithola lelogama na? Ngabe ba . . . ? O, basabuka- . . . O, kungukuthi, qhubeka, kulungile.

[**Bayini omoya abathathu abangcolileyo na?**]

187 Lokho kuphuma e, iSambulo, kuphuma emlonyeni womprofethi wamanga, nodrako, kanjalonjalo.

188 Manje, sizokuthola lokho esifundweni sethu manje, niyabo, imimoya emithathu engcolile yi*zimfundiso ezigqamileyo* ezintathu. Ake nginifanekisele khona manje futhi nizobona ukuthi ku—lapho kwaqala khona, lapho kuqala khona. Niyabo, kwakukhona ubukhomanisi, umbuso olawulwa undlovukayiphikiswa ubufasi, ubuNazi, zaziyimimoya. Ubukhomanisi bungumoya, bufika kuwe. Niyabo? Ngumoya. Futhi lokho, kuzoba yinto ethile efana naleyo, kuphela benginga . . . ku—ku . . . Lokho ngempela akusikho, kodwa kuyoba yimimoya emithathu, kanjalo nje, okwakuthi ukuba ngumanduleli wayo. Kodwa, kusobala, niyazi ukuthi kuphi, kusebuKatolikeni, niyabo, kodwa ngizo . . . Ngi—ngifuna ukuthola izinto ezimbalwa kulokho ngqo ngaphambi kokuba ngikusho, niyabo, ukuqiniseka ukuthi ngiyazi ukuthini . . .

189 Kodwa yimimoya emithathu, njengobukhomanisi nje, umbuso olawulwa ngundlovukayiphikiswa ubufasi. Futhi sakukhipha lokho eminyakeni edlule, niyazi. Khumbulani, nganitshela, ngathi kuyoba yi—kuyoba yi—into eyokwenzeka, iyoba, konke kuphethele ebukhomanisini na? Futhi yilapho okwenziwa khona, leyo yindlela efanayo okuyoba ngayo ngalesosikhathi, niyabo, kuyoba omoya abathathu abangcolile abayophuma. Ku . . .

190 Ngikholwa ngempela, ngeqiniso khona manje, ukukuchaza nje ngomusa, uma ningenankinga, futhi uma nge—uma ngengeza okuthe xaxa kancane kukho lapho sengiyokuchaza, awu, wena uthi, "Awukuchazanga ngokuphelele ezansi lapho ngalobobusuku." Niyabo? Uma ngenza lokho.

191 Nakhu engicabanga ukuthi bekungaba yikho: Ngikholwa ukuthi ngumoya, intombi elele, umfelandawonye webandla; UbuJuda ekwenqabeni uKristu, amaJuda akwenqabayo;

nobuKatolika. Ngoba, niyabo, lapho kuvela e, kuvela kumprofethi wamanga, niyabo, emlonyeni womprofethi wamanga okwakuyizimfundiso zobupapa, okuvela esilweni, niyabo. Nakho konke lokho, lapho kuvela e, ungabona izendlalelo, lapho okukhona.

192 Futhi lowo yimimoya emithathu engcolile ehlela umhlaba wonke e-Armagedoni, niyabo. Futhi lowo yilabomoya abathathu abangcolileyo; khona-ke uthola lokho kungene ngqo nomaye abathathu. Niyakhumbula ngolunye usuku, ngikungenisele nje, ngathi, kube yizinhlupho eziyisikhombisa zokugcina, izimpawu eziyisikhombisa, nomaye abathathu, nababili . . . omoya abathathu abangcolileyo, nalokho—lokho kufika ngalokho.

193 Kulungile, unawo omunye, unawo na?

[Uithi, "**UMfula i-Ewufrathe unani ngeBhayibheli, ngokukhuluma ngokomoya na?**"]

194 Ya, uMfula i-Ewufrathe, ubulokhu ungumfula omkhulu, ngoba uMfula i-Ewufrathe unendawo enkulu eBhayibhelini. Indawo yokuqala esiyitholayo, ukuthi wawuhamba udabula ngqo e-Edene, uMfula i-Ewufrathe wawunjalo, iBhayibheli lithi uqhamuka ngqo e-Edene. Into elandelayo esiyitholayo, uMfula i-Ewufrathe nawo wawungumfula owehla ngqo udabula eBabiloni, umfula ofanayo, niyabo, uMfula i-Ewufrathe udabula ngqo eBabiloni.

195 Manje, sithola ukuthi iNgelosi yathululela isitsha sayo phezu koMfula i-Ewufrathe futhi yawomisa, ukuze iNkosi yaseNyakatho ingahle yehle. Futhi ngicabanga ukuthi lokho okuzoba yikho ngempela, kuzoba sesikhathini sokuphela lapho bengena e-Armagedoni, niyabo, bafanele behle ngqo bedlule eGibhithe lapho, ukuba bangene kulo, futhi kwehle ngqo kulawomazwe, bayodingeka bawele i-Ewufrathe ukuba bangene lapho.

196 Niyabo, uMfula i-Ewufrathe uyageleza namhlanje, si—siyakwazi lokho, niyabo, ne—ne-Amazon, iNingizimu Melika, ne—neNayile eGibhithe, ne-Ewufrathe injalo, ne . . . O, yini leyo enye na? Kunemifula emibili lapho phakathi, eqonde phezulu lapho enhlokweni yase-Edene. Futhi u—uMfula i-Ewufrathe ungenkathi lena enkulu . . . wenze indlela yawo yokuba wehle, niyabo, benza indlela yeNkosi yaseNyakatho ukuba yehle, amakhosi. Lokho kuyoba njalo, lokho kuyokwenzeka ngesikhathi sempi yase-Armagedoni ngezinsuku zokugcina, niyabo, lowoMfula i-Ewufrathe.

197 Ngabe bekuyileyo yonke na? Noma wa . . . ? Lokho bekuyiyo yonke.

198 Manje, emqondweni wami nje, niyabo, ngalokho, ukuthi lomuntu uyini uma benqaba uKristu. Kungukuthi nje, ungahle uzifunele wena uqobo e—e, kwisichazamazwi, ngoba akusiyo

into ethize ebingaba yiyo, bengingeke ngikuphumisele, khona phandle lapha manje. Kodwa kubheke, futhi uzobona ukuthi kusho ukuthini. Khona. . .Ubungavele nje, ngamanye amazwi, kunezindawo ezimbili noma ezintathu emBhalweni engingabhekisela kini, izinto ezinjalo.

199 Njengokuthi, ngamany'amazwi, njengeNkosi uNebukadinezari wathi, "Noma yimuphi umuntu ongeke—ongeke akhothamele lo*S'bani-bani*," phansi kuka, uNkulunkulu kaDanyeli, nakho konke, "indlu yakhe mayithathwe, abantwana bakhe bashiswe, indlu yakhe yenziwe igquma lomquba." Niyabo? Futhi siyaqonda ukuthi lawomazwi ayini, ayakhishwa nje futhi ashiwo kanjalo. Kodwa uma nje ubuka emuva kwisichazamazwi, kuzo—kuzokutshela nje ukuthi kuyini, niyabo, ukuthi lokho kuyini.

200 Awu, lezizinto ezincane ezindala ziyakhanyisa, futhi a—a—angizibekanga kangako uma zi. . .njengoba bengifanele ngime futhi ngibeke, ngoba niyabo, yi—yi. . .wonke umuntu, nonke niyasebenza kusasa, futhi ngizoya e, iNkosi ithanda, eMiami. Futhi sekuyikota emva kweleshumi, futhi angifuni ukunibamba isikhathi eside kakhulu, futhi ngicabanga ukuthi abancane bami balele, futhi ngiqagele owakho naye unjalo, futhi ngakho nakho lapho esikhona. Na—nabafo abancane bozela ngokushesha.

201 Kodwa ngifuna ukusho ukuthi leyo ingeyangempela, yangempela, imibuzo emihle, yonke, mihle ngempela. Futhi ngifisa ukuthi, uma nginomunye umbuzo ebusuku, noma *enye into ethize*, etabernakele, ukuthi nonke, uma ngikubalula ngalokho kusa, nizonginika imibuzo ukuze ngingakwazi—ngingakwazi ukuthola isikhathi esincane sokuyifundisisa.

202 Njengoba nazi, kuphambene nje, khona-ke u—uqala ukukhuluma, futhi ngingumuntu omkhulu ukuthatha isikhathi esiningi kakhulu kunoma yini. Futhi lapha, niyaqaphela indlela yami yokwenza ekushumayeleni, yingalesosizathu ngihlala lapho usuku lonke, niyabo, cishe, ngishumayela isikhathi eside kakhulu.

203 Kodwa nimqaphelile uBilly Graham na? Manje, uBilly Graham ungumshumayeli oqeqeshiwe, futhi uyindoda enkulu. Futhi uBilly Graham, uzohlela indikimba yakhe khona *lapho*, uzohlehla *lapha* futhi aqhubeke nje egqonqa kuleyondikimba, njalo njalo nje ngaso sonke isikhathi. Akasoze avumela iphimbo lakhe lehle, neze, elokhu nje egqonqa kuleyondikimba. Niyabo? Yileyondlela uMoya oNgcwele omenza ngayo eshumayela, niyabo, lelo yisu lakhe lokukwenza, yileyondlela akwenza ngayo.

204 UCharles Fuller, abaningi benu bamzwile, uyikhehla elimangalisayo. Futhi ngakho, uCharlie Fuller unjengomchasisi weBhayibheli, uyi, uyathanda uku—ukufundisa noku, ukuthi uhamba kanjani ngezinto, niyazi, nayo yonke into, nje ukubeka

kuKristu, nothisha omdala omkhulu. Niyaqaphela ukuthi wenzani, akashumayeli, uyakufundisa nje.

205 Awu manje, uma niqaphela, indlela encane elula enginayo, ngendlala indikimba *lapha*, noma ngabe indikimba yami iyini, ngibuyela emuva le phandle *lapha* futhi ngithole ingqikithi yami, futhi ngiyiletha *ngapha* futhi ngiyibeke emgqeni ngqo nendikimba yami, bese-ke ngibuyele emuva *ngapha* bese ngithola enye into bese ngiyiletha *ngapha* bese ngiyendlala *ngapha*, futhi ngibuyela emuva *ngapha* futhi ngithole enye into, ngize ngikuthole konke phansi *lapha* kube kahle, bese-ke sikushayelela ekhaya endikimbeni, konke nje ngesikhathi esisodwa.

206 Kuyisizathu ngangivame ukuba nalezizintshumayelo ezincane ezindala engangivame ukuzama ukuzishumayela, kusobala, senibe ngakimi isikhathi eside futhi niyazi ukuthi angisuye umshumayeli, kodwa njengokuthi, *Uyakholwa Yilokhu*, *Khuluma EDwaleni*, *Woza Ubone Owesifazane,* nakho konke kanjalo, niyazi, amagama amathathu nje amancane. Nje, ngangiyakha nxazonke mayelana nowesifazane emthonjeni nokuthi kwakuyini, bese-ke ushaya phansi ngqo ekugcineni, bese-ke ubona, "Wozani Ubone uMuntu! Wozani Nibone uMuntu!" futhi "Khuluma EDwaleni!" Ngithatha u-Israyeli futhi ngibakhiphe, futhi niyabo, ngithola ingqikithi yami, futhi ngiyibeke ngapha emgqeni nendikimba yami, angikaze ngiyishaye indikimba yami okwamanje.

207 Futhi niqaphelile esikhashaneni esedlule ekuchazeni lokho, esikhashaneni esedlule nje, into efanayo, kulowomRoma lapho, niyabo, ethi, "Kholwa yiNkosi uJesu Kristu, futhi uyakusindiswa." Niyabo, lowo ngumbuzo, usindisiwe. Niyabo, ngabuyela emuva, futhi ngathola ukuthi konke lokho kwakuyini, futhi ngakudonsa ngakukhipha, ngase ngibuyela emuva, futhi ngathola uJobe, nabobonke, ngakudonsela ngapha emgwaqeni, ngase-ke ngikushayela phansi, "Yilokho okuyikho, ngukukholwa, niyabo, uJobe wasebenzisa ukukholwa, umRoma wasebenzisa ukukholwa, siyalwa ukuba sisebenzise ukukholwa kukho konke."

208 Niyabo, nje, futhi ngicabanga ngaleyondlela uma mina, ekukwenzeni ngendlela yami, uma ngingathola abantu bakhathalele ngokwenele ukuba balalele lokho ozama ukwakhela kukho, bese ugcina indikimba yakho enkulu lapha wenzele iphuzu lokugcina, bese-ke uyishayela phakathi. Bese uthi, "O, konke okunye kwakho kuyavuleka," ngoba, niyabo, niyakubona. Niyabo, wena nje, ufinyelela ngapha, futhi wathola intambo exegayo, udonse lena phakathi; futhi— futhi inkathazo yakho ingukuthi, ngishiya izintambo ezixegayo eziningi kakhulu, ngakho mina, engi—engingayitholi.

209 Awu, kubemnandi ngempela kini nonke, nehlele lapha,

futhi nihlale futhi nikhulume nathi, nakho konke, futhi ngiyakuthakasela. Futhi ngifuna ukusho futhi, ngayo yonke inhliziyo yami, ngiqonde lokhu ngakho konke okukimi: Angizange ngiqonde ukuthi kuyinto enkulu kangakanani nina bantu eniyikhokhayo. Ngi—ngivele nje, uma bekungesikho ukunibona, futhi bekungesikho ukunithanda, nezinto engizenzayo, bengiyothi, "Angizukushumayela, lelotabernakele ngesinye isikhathi," ukubona nonke nifanele nishayele ishumi nanhlanu, amamayela angamakhulu ayishumi nesishiyagalombili uhambo ukuba nihambe futhi nizwe inkonzo.

210 Manje, ngiyakuthakasela lokho kwethembeka okukhulu, kodwa nokho, ngicabanga ngalokho enikwenzayo. Niyabo? Mm! Futhi nge—ngethemba nje kuNkulunkulu ukuthi nonke eZweni elingaphesheya komfula, nina nabantwana benu, abancinyane benu nabo bonke, ukuthi ngizo—ngizonibona laphaya, futhi ngethemba ukuthi ngizoba lapho, mina, ngethemba ukuthi ngizoba lapho.

211 Ngizonibona nonke, kwangathi—kwangathi kungabikho namunye wabantwana benu olahlekile, akekho noyedwa kini olahlekile, kwangathi sonke singaba lapho ngaloloSuku, futhi—futhi ngisho nakudadewethu omncane phandle lapho, inenekazi elincane—elincane eliyikhaladi phandle lapho, ligeza izitsha, phandle lapho kwe—kwelinye ikamelo. Ngi—ngiyakhumbula ezansi lapha ngolunye usuku, ngikhuluma nalowo wesifazane, ngiyakholwa (Ngabe yilowo wesifazane ofanayo na?), nomyeni wakhe, ngikholwa ukuthi ngahlangana—ngahlangana naye laphaya ngesinye isikhathi, noma qhabo, ngumfana okusebenzelayo, kwakubonakala kungumfo omdadlana okahle. Ngi—ngithemba nje ukuthi sonke siyahlangana lapho lapho thina, akuyikubakho ukudumazeka, kungabe kusabakhona ukuhlala isikhathi eside kakhulu ebusuku, ngoba ubusuku abuyikubakhona.

212 O, mfowethu, dadewethu, uma nje benginga—uma nje bengingachaza noma ngayiphi indlela ukuthi bekuyini ngalokho kusa, ngenkathi ngilele lapho eceleni komkami omncane lapho, futhi—futhi Wangiphakamisa kulowombhede futhi wangenyusela lapho, futhi wangivumela ngibuke ngale kwekhethini.

213 Ukuba nje bengingaba namandla manje ukunichazela ukuthi lokho kwakubukeka kanjani nokuthi kwakuyini! Ngibabonile bonke lapho, futhi bonke babebasha, futhi a—angibaqondanga. Niyabo, bonke babekhuphukela kimi, futhi bengigaxa, nakho konke, futhi babe—babeyizidalwa ezingabantu. Niyabo? Babengesilo uhlobo oluthile lwezimpaphe, njenge, bathi iNgelosi, angicabangi ukuthi iNgelosi inezimpaphe, nakuba nje ba—basho nje lokho, niyabo.

214 Kodwa iNgelosi yisithunywa; ukuthi igama lisho

"isithunywa." Ngakho, angicabangi ukuthi zinezimpaphe nezinto ezinjalo. Kodwa nje, bonke babelapho, futhi bonke babejabule, futhi kwakungekho, kwakungebe yilutho olunye ngaphandle kokujabula. Futhi uma bekungekho ngaphezu kwalokho, bengiyo . . . bekungasikhokhela ngakho konke ukusebenza nezinto esizenzayo, na—nakho konke kanjalo.

215 Kodwa ngifuna ni . . . Ngifuna ukusho lokhu, ukuthi ngiyakholwa, nami, ukuthi iBhayibheli lathi ngezinsuku zokugcina kuyofika indlala ezweni, naleyondlala ayizukuba ngeyesinkwa namanzi, kodwa eyokuzwa iZwi likaNkulunkulu leqiniso. Nabantu bayogijima bevela empumalanga, besuka entshonalanga, besuka enyakatho naseningizimu, befuna ukuzwa iZwi likaNkulunkulu, futhi sesithi nje asiphile kulolosuku manje. Niyabo? Lapho . . .

216 Kungesikho ukunganaki noma ubani, niyabo, kungesikho ukungawanaki amabandla ethu, qhabo, mnumzane, kodwa uma nazi, ngikholwa ukuthi emapulpiti amaningi alamabandla, sinamadoda akahle, amadoda alungile, amadoda angempela kaNkulunkulu, kodwa ayesaba uma esho noma yini ephambene nalokho okushiwo yileyonhlangano khona-ke ayokhahlelwa akhishwe, bese-ke eshiywa emakhazeni.

217 Futhi ngikholwa ukuthi okudingwa yindoda yisibindi esithize. Futhi ngiyakukholwa lokho, ngani, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ufuna ukuthatha omunye futhi enze isibonelo ukukhombisa ukuthi Uzobanakekela, kungakhathaleki ngenhlangano yabo. Ngakho, yilokho engiyikho, ngethemba ukuthi Uzokwenza ngami, ukungisiza, ukungivumela . . .

218 Futhi uma mina, futhi lalelani, maKristu, uma kwenzeka kanye, ngi—ngizo . . . ngiyakuyala phambi kukaNkulunkulu ne—neziNgelosi ezikhethiwe, ukuthi kwenze, uma noma yisiphi isikhathi lapho ubona ukuthi ngenza into engalungile, ungeze yini uze ungitshele na? Ngoba ngi—ngi—nginithanda kahle kakhulu ukuba nginigeje laphaya, futhi ngiyazi nizohamba, ngakho ngi . . . woza ungitshele, uma ungibona ngisephutheni noma ngasiphi isikhathi, into ethize engiyenzayo engalungile, into ethize ezobeka isikhubekiso endleleni yakho.

219 Manje, kunenqwaba yezikhathi, ngizungeza lapha futhi ngihleke, futhi ngisike, futhi ngisho izinto. Ngizamani, ukwenza na? Ngizama ukudedela omunye walowomuzwa odabukile kimi, niyabo. Nje, akusikho ukuthi ngifuna ukwenza lokho, niyabo, akusikho ukuthi ngifuna ngisho ukuhleka, noma nokwehlela lapha futhi ngihlangane noMfowethu Welch ukuze ngimuzwe exoxa enye into ethize encane ngayo, o, u—umfanyana, umfana oyikhaladi phandle lapho, futhi wabamba inhlanzi, nomqaphi wambamba, futhi wathi wayebamba izicupho zofudu, futhi—futhi njengakho, into ethize, niyazi, ngalolohlelo.

220 Futhi omncane, ngenkathi lowomshumayeli omncane engitshela . . . Bengibatshela, amantombazanyana namhlanje, mayelana nenja esasimakwe enobonya bemvu kunguFefe noFifi, niyabo. Futhi—futhi njengokuthi, ngikwenzela ini lokho na? Uku—ukuhleka, ngizenze ngihleke, uku—ukuba ngizehlise.

221 Lapho ukhuphukela ngaphezu kwalendawo efayo ungene kulawo mazinga *lapho*, kungukuthi, kukugcina usekusontekeni, uyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Futhi manje-ke cabangani nje, nakhu, cabangani nje, ngalenkonzo, niyakhumbula ukuthi ngizophendula ngani na? Hhayi nje okweTifton, eGeorgia, hhayi okwe-Indiana, hhayi okwe-United States, kodwa ngifanele ngiphendule phambi kwezwe, ngenkonzo yomhlaba wonke. Niyabo? Ngifanele ngiphendule kubahedeni, ngifanele ngiphendule kuNkulunkulu ngabahedeni, njalo, niyabo.

222 Futhi lapho ngihlala ekhaya futhi ngicabanga, "Awu, ngiyakholwa—ngiyakholwa—ngiyakholwa . . . " Njengolunye usuku enhla lapho, futhi ngithola ukusonteka kakhulu, ngase ngithi, "Ngi—ngi—ngiyaqhubeka, ngibe nomunye umhlangano." Futhi ngiyaqhubeka, ngibe nomunye umhlangano, futhi into yokuqala niyazi, ngisonteke kakhulu, ngi—ngifanele ngihambe ngiyozingela, ngifanele ngihambe ngiyodoba, ngifanele ngiphume nomunye umuntu, ngi—ngifanele ngenze okuthize, ngoba ngingumuntu nje, isidalwa esingumuntu nje, niyabo, futhi lokho—yilokho, niyakuqonda lokho.

223 Kodwa uma uke ucabange ukuthi ngiyaphuma noma yikuphi endleleni ngakho, woza ungitshele, ngizokuyeka, mfana, njengembaza ye . . . akunandaba ukuthi kwenzekani. Isizathu ngi—ngifuna niqonde, Anginazimfihlo, yonke into engiyaziyo, nani niyazi, niyabo. Konke lokho iNkosi engikhombise khona, ukuthi Izongivumela ukuba ngikusho, ngikushilo, futhi angigodli lutho. Futhi—futhi impilo yami ivulekile, niyazi ukuthi ngiyini nokuthi ngenziwa ngani, futhi nje ngi, ngizama ukuphila nsuku zonke ngokufanayo ngangengingakwazi.

224 Kusobala, izikhathi eziningi uyangibona lapho ngikhuntubele, futhi ngizizwa ngikabi, futhi ngikhathele, futhi ngikhandlekile, noma into efana naleyo, kusobala, mina, lokho kuhambisana nenkonzo, niyazi, niyakuqonda lokho. Wena, uma ubheka emuva emakhasini esikhathi, uzobona ukuthi amadoda ngaleyondlela, enza ngaleyondlela, sonke siyabathola labo. Kodwa into yakho ingukuthi, sifuna ukuqonda omunye nomunye.

225 Ngiyaqonda ukuthi unokuphumelela nokungaphumeleli kwakho futhi, akumina ngedwa onakho, ninakho. Futhi lapho usunokwakho, ngizozama ukuqonda; lapho nginokwami, zama ukuqonda. Futhi lapho ngiphesheya kwezilwandle ndawondawo, noma phandle le emhlanganweni ndawondawo, nodeveli bandawo zonke, benqwabelana futhi baphonsele

inselelo mina nayo yonke enye into, ngani, nonke khumbulani, ngikhulekeleni nje. Nizokwenza lokho na? Singaba nezwi elincane kuYe manje na?

226 Baba waseZulwini, kube yinkazimulo ukuma lapha futhi ngikhulume kulesisigejane sabantwana abagezwe ngeGazi. Ngiyaqonda, kulobubusuku, ngimi njengoPawulu oNgcwele nje wama eminyakeni eminingi edlule, imihlangano emincane yasendlini lapho beza khona. NoPawulu ufika ngale kwa-Akwila noPrisila, no—nokuthi bafanele ukuthi babenakho kanjani, kwabuthelwa abantu phakathi. Futhi wahamba, eRoma futhi wayenendlu eqashiwe, futhi wemukela labo abangenayo.

227 Futhi lapha kulobubusuku, abantu abavela, oza etabernakele, na—nabantu o, oshayela onke lamamayela, ebengizama nje ukubatshela ukuthi ngikuthakasela kangakanani. Nkosi, anginawo ngisho amazwi, engingabatshela ngawo, ukuthi ngibathakasela kangakanani, kodwa Baba, ngikhulekela ukuthi Uzobazisa ezinhliziyweni zabo ukuthi ngiqonde ukuthini.

228 Futhi, Nkulunkulu othandekayo, uma . . . ngiyacela, ngikhulekela ukuthi Uzophendula umkhuleko wami ngabo. Basindise bonke, Nkosi, kwangathi kungebebikho namunye wabo olahlekile, noma yimuphi wemindeni yabo olahlekile, kwangathi bona, wonke umuntu, angaba lapho.

229 Ngikhulekela abancinyane babo. Ngicabanga ukuthi lomfana omncane olele lapha emathangeni kayise, nonina ehlezi, ebhekisisa, futhi ecabanga ngezinsuku oluzayo. Uma likhona ikusasa, ngazi kanjani ukuthi lowomfana omncane ofanayo angeke aphathe iVangeli na? Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa umfana omncane, bonke abanye, amantombazane amancane nabafana, futhi ube nabo bonke. Yiba noMfowethu noDadewethu Evans ovule indlu yabo, indlu yomkhuleko. Yiba nathi manje futhi usithethelele izono zethu.

230 Futhi uNkulunkulu, uma beke bagula futhi bafanele bashaye ucingo, Nkulunkulu, mangiphile impilo enjalo ukuthi bazokholwa ukuthi Uzongizwa, bese-ke ungizwa lapho ngibakhulekela, Nkosi, siphe khona. Futhi uzwe, lapho bengikhulekela, ngoba ngidinga imikhuleko yabo, Baba. Futhi ngaso sonke isikhathi lapho bengikhulekela, ungeke Uzwe, Nkosi na? Lapho ngibakhulekela, yizwa, Nkosi.

231 Futhi ndawonye sizoKukhonza zonke izimpilo zethu. Futhi ngaloloSuku olukhulu, sethemba ukwenyukela eNdlini yaKho ngolunye usuku. Futhi lapho singqongqotha emnyango, Ungesingenise, Baba na? Kuze kube yilesosikhathi, siqaphele, futhi usibusise, futhi usigcine siqinisile njalonjalo, siyacela, eGameni likaJesu. Amen.

232 Ngiyabonga kakhulu, bafo. Futhi ngiyaxolisa ukunihlalisa lapha kwaze kwaba—kwaze kwaba cishe ligamenxe eleshumi.

Lomfana omncane olele lapha, elele njengebutho elincane. Uneminyaka emingaki na?. . .?. . .

233 Unjani, Dadewethu, angazi noma ngikuxhawulile ngenkathi ngingena noma qha. Awu, kumnandi ukukubona futhi, nawe, Mfowethu Willie.

Fred, ngiqagele uzophuma ekuseni, ubuyela endlini. Ubuyisela ingwenya yami—yami na?

Ngizokubona ekhaya, Mfowethu Wood, iNkosi ikubusise.

234 Wena, Mfowethu Scott, kuhle ukukubona futhi, Mfowethu. Ngikholwa ukuthi ngike ngakubona ngaphambilini ndawondawo, angikubonanga na? Bengicabanga ukuthi ngakubona, ubuso bakho bujwayelekile.

235 Mfowethu Wayne, iNkosi ikubusise. Futhi ngisacabanga ukuthi bengifanele ngigcwalise ithangi lakho ngopetroli wokwehla amamayela angamashumi ayisishiyagalombili ukuletha lomfundisi, futhi. Busiswa, Ndodana.

Busiswa, Dadewethu. Futhi konke ukukugcona kwami, ngiyakugcona nje. Uyakwazi lokho awukwazi na?

236 UNkulunkulu akubusise, Dadewethu Evans. Lokho bekumnandi ngempela, ukudla kwasekuseni, nokudla kwakusihlwa, nokungenisa kwakho izihambi okuhle, khumbulani, uJesu washo lokhu: "Enikwenzile kwabancinyane. . ." Manje, Akazange athi, "Enikwenzile komkhulu kunabo bonke. . ." Niyabo? Niyabo, lokho kungahle, lowo bekungaba ngomunye umuntu, kodwa "Enikwenzile kwabancinyane. . ." niyabo, lokho kuyoba yimi, ngakho ukwenzile kimi.

237 Kumnandi ukukubona futhi, Dadewethu. UNkulunkulu abe nawe njalo. [Udade uthi, "Lowo ngumama wami. Ngiqagele uyamkhumbula."—Umhl.] Ngi. . .O, he. Ubungasho kanjani ukuthi bekungesuye umama wakho na? Nibukeka nifana kakhulu.

238 Kuhle ukukubona, Dadewethu. Ngikholwa ukuthi ungunkosikazi we, lomfo osemncane *lapho*. Futhi unguMfowethu Scott. Nonke ningodade na? Awu, bengicabanga ukuthi beningodade, impela bengicabanga. Kuhle ukuphinde ngikubone. Futhi qhubeka une nesibindi, mfowethu.

Futhi uthi, mhlawumbe lena entsha, Angiyiqaphelanga lentombazane lapha. O, awu, ngiyajabula ukuhlangana nawe, Dadewethu. INkosi inibusise.

Kuhle ukukubona, Dadewethu. Futhi uzolungela okuthize, mthathe nje. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu.

Mfowethu Evans, uNkulunkulu abe nawe, Mfana.

Manje, S'thandwa, uma uzothola abantwanyana bethu, kungcono sihambe.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

239 Futhi, ngiyanitshela, ngaphambi kokuba sihambe, asisukume nje ngezinyawo zethu futhi sicule leloculo elincane. Ningacula ivesi elincane kanye nami, kanjalo na? Ingabe kulungile na?

UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!
Ngezeluleko zaKhe aniqondise, anisekele,
Ngezimvu zaKhe ukugoqa ngokuphepha;
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

Size sibonane! size sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;
Size sibonane! size sibonane!
UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

240 Nansi indlela esasivame ukwenza ngayo emihlanganweni emincane yomkhuleko, asibambane ngezandla, sizungeze ngqo kanje, niyabo. Sicula lelihubo elincane, senze isiyingi esincane, sibe ndawonye, yileyondlela, niyabo. Ninokuxhumana nje omunye nomunye ngaleyondlela, manje. Asicule. Niyalazi leliculo elincane na?

Libusisiwe igoda elibophayo
Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
Inhlanganyelo yemiqondo efanayo
Kufana nalokho okungenhla.

Phambi kwesiHlalo sobukhosi sikaBaba wethu,
Sithulula imikhuleko yethu sobabili;
Ukwesaba kwethu, amathemba ethu, imigomo yethu minye,
Izinduduzo zethu neminako yethu.

Nxa sehlukana ingxenye,
Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;
Kodwa siyolokhu sixhumene enhliziyweni,
Futhi sethemba ukuphinde sibonane.

241 Manje, amakhanda ethu ekhotheme, asiphinde nje lowomkhuleko oyisibonelo:

Baba wethu, OseZulwini, Malingcweliswe iGama laKho.
Umbuso waKho mawuze. Mayenziwe intando yaKho emhlabeni njengaseZulwini.
Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla.
Futhi usithethelele iziphambeko zethu, njengalokhu nathi sibathethelela abasonayo.
Futhi ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi; ngokuba uMbuso

ungowaKho, namandla, nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen.

242 UNkulunkulu anibusise, ngamunye, manje, size sibonane futhi.

Mfowethu Welch, usho ukuthi unakho konke lokho eteyipini ezansi lapho na? Mm!

243 Awu, nginifisela nonke, wozani niye eFlorida kanye nathi. Uma iNkosi ithanda, ngi—ngiyanitshela ukuthi ngenzani, ngizama ukukhipha izinganyana, niyabo, zona, azikwazanga ukuqeda iholide lazo, ugogo wazo waba nokuhlaselwa yinhliziyo futhi sadingeka sibuye. Ngakho ngakho-ke ngiyazikhipha ukuba zithi ukuqeda iholide lazo, ngoba zifanele ziqale esikoleni futhi, khona manjalo. Ngakho ngizoziyisa ndawondawo kusasa, mhlawumbe ezansi eSt. Peterburg, noma ndawondawo.

244 Ngifanele ngibuyele emuva, mhlawumbe, ngaphambi kweSonto. [UMfowethu Evans uthi, "Banezinye zalezozinhlanga ezansi lapho, ngiyacabanga, uyazi, emnyuziyemu, uyazi, obukade ukhuluma ngakho esikhathini esedlule."—Umhl.] O? Yebo? Awu, ngingathanda ukwenyuka futhi ngibabone. Kunjalo. Angikaze ngibe semnyuziyemu ezansi lapho. Lokho ku, bekuyini na? IMnyuziyamu kaRipley. Futhi lokho kuseSt. Petersburg na? Ezansi eSaint, ngiqonde eSt. Augustine, esikhundleni.

245 Ya, ngiwelela lapha e, lena yiJacksonville yilapho engiya khona kuqala, akunjalo na? Ya, emuva, ngoba ngithola lento ijikisiwe, emuva *ngapha* ukuya eJacksonville, bese-ke ngiphuma ngidlule eLa Crosse, usho njalo, futhi ngiphume ngaleyondlela na? IWaycross. E-hhe.

246 [Umfowethu uthi, "Ngiqala ukucabanga, ubuzile... ukhulume ngawe ngokuthi wajikiswa, itabernakele libheke ngakuphi na?"—Umhl.] Itabernakele libheke empumalanga nasentshonalanga. Ngalakha...Lapho ungena uvela e—ngaphambili, uyazi lapho u-Eighth Street ugijimela phezulu *ngapha*, uya empumalanga ngqo khona-ke. Uyabo? Bese kuthi-ke, i—i...Khona-ke uma usukuma...Futhi lapho ngishumayela, ngishumayela ngasentshonalanga, futhi uyabo, manje, ngenza lokho ukuze i-altare libe ngasempumalanga, ngoba uJesu uza evela empumalanga. Bese kuthi-ke lokho—lokho kungivumela...I-altare, sikhothama njalo empumalanga, niyabo.

247 Awu ngokwejwayelekile, angazi, kuyilokho nje engangihlala ngikwenza, ngiyabona eBhayibhelini, bona, ngokuvamile emuva lapho, uDaniyeli wathi wahamba futhi wadonsa amawindi, niyazi, nayo yonke into kanjalo, futhi wakhuleka e, empumalanga.

248 Futhi—futhi ngakho, futhi ngaqaphela ethempelini elidala likaMosaic, ngiyacabanga, libheke ngasempumalanga, i-altare

lakwenza. Futhi ngakho, kusobala, uNkulunkulu uzokuzwa noma ngabe ukuphi, uyabo, kungakhathaleki.

249 [Umfowethu uthi, "Angizange nje ngikwazi ukuthola inkombandlela ngokuqondile."—Umhl.] Yebo, mnumzane. Awu manje, ngibone isikhathi lapho ngikhulekile nakho konke, nje a—angi nje—angijiki nje, niyabo, ngiyafika nje.

250 Kodwa manje, uma ngingabhekile, nanoma yini enjalo, futhi nje ngehle futhi ngigxumele kukho, ngizovele nje... Kunezimbili...indawo eyodwa engazi ngayo, ukuthi angisoze ngaqondiswa, futhi nokho ngiyazi ukuthi kukuphi, futhi lokho kusezansi kwaGogo Cox. Ngingehlela lapho, futhi angikwazi nje ukuqondisa lokho. Futhi kuzobakhona okuthize, okubukeka kimi sengathi, kwenzeke lapho ngolunye usuku. Ngiya khona lapha kulelisango, futhi lona, lokho nje kuyiningizimu njengoba kungaba njalo, ngiphendukela ngakwesokudla sami, kodwa akusikho, niyabo, akusikho, kuphambene. Niyabo? Futhi ngi—ngi nje...

251 Futhi uma ngingena emahlathini, manje, sengathi ngiyalahleka noma *enye into ethize*, bese kuthi-ke uma benginga, ngijike, manje, uma ngithola ukuxhuxhuma kakhulu, awu, a—angikwazi ukukwenza, niyabo, kodwa uma nje ngima ngithule imizuzu embalwa bese ngithi, "Baba waseZulwini, ngisize." Futhi, mfowethu, ngingavele nje ngiqondise lokho kuwe, kalula nje, kunjalo.

252 Ngesinye isikhathi ngiphuma e, lapho noMfowethu Wood noDadewethu Wood, sasiphuma eChattanooga, noMfowethu Wood wayeshayela, ngiqagele lokho ngu 41, ebuyela emuva nje. Ngakho, nga—ngangikhathele kakhulu, u, ngangikhathele kakhulu, futhi ngavele ngacambalala ngemuva, emva kwenkonzo, ngase ngicambalala emuva lapho ngase ngiya kolala, ngemuva emotweni. Ngavuka emva kwesikhashana ngase ngisukuma, ngase ngithi...Inkungu? ubungeke neze usibone isandla sakho phambi kwakho. Ngase ngithi, "Heyi, Mfowethu Wood, uhamba ngokungesikho."

Wathi...Niyabo, ngangisanda kuphuma kulowomhlangano. Futhi wathi, wathi, "O, qhabo," wathi, "Ngiyahamba, ngi," wathi, "Ngihamba 41."

Ngathi, "Kodwa u—uya eningizimu."

Futhi wathi, "Manje, ungabona kanjani enkungwini enjengalena na? Niyabo, awukwazi ngisho nokubona umgwaqo."

Ngathi, "Kodwa u—u...ngingasho khona manje ukuthi uyahamba...u—uya eningizimu."

Wathi, "Qhabo, qhabo. Uyabo *lapho*, lokho ngu 41."

Ngathi, "Kodwa kuyiphutha."

253 Awu, sashayela ngophisi omncane, futhi wayelokhu ephikisana nami ukuthi wayeqinisile, wathi nje, "Ngihlala ngqo ku 41, ngiya eMemphis."

Ngase ngithi, "Bhekisisa nje." Futhi sangena egalaji likapetroli, ngase ngithi, "Kukude kangakanani ukuya eMemphis na?"

Wathi, "Ufanele ujike, Mfana, useGeorgia." Wathi, "Qhubeka nga*le*ndlela." Ngakho, sizohamba ngqo . . . Yebo, mnumzane.

[Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Yebo, mnumzane na? Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. Awu, uma ungaqapheli . . .

254 Futhi ngiyakhumbula ngesinye isikhathi, ngangilahlekile phezulu ezintabeni, futhi yilapho nga—ngacabanga ukuthi ngangingumuntu okahle kakhulu wasemahlathini ukuba ngike ngilahleke, kodwa ngalahleka ngempela. Nomkami wayenami, noBilly Paul wayeyingane encane.

255 Futhi bona, ngabashiya, futhi ngahamba—ngahamba ngayozingela ibhere, niyabo, futhi ngangizingela ibhere, futhi nga—futhi ngagijimela ediyeni elikhulu lenyamazane ngaphesheya lapho. Ngadubula lenyamazane, futhi ngacabanga, "Awu, kungcono ngibuyele emuva." Futhi ngiyazi ukuthi ngangehlile, ngangisenhla e-Adirondacks, futhi ngenyuka intaba *kanje*, futhi ngi . . . into ethize yawela umgwaqo, futhi kwakuyi—kwakuyibhubesi lasezintabeni, futhi lavele nje 7lehlehlisa izindlebe zalo. Futhi lona, ngaphambi nje kokuba lona . . . Ngaphakamisa isibhamu sami ngokushesha ngokwanele ukuba ngidubule, lasuka, niyabo.

256 NoMeda wayengakaze abe semahlathini empilweni yakhe, niyabo. Futhi, awu, kwakungalesosikhathi seholide labasanda kushada, niyabo. Futhi ngasebenza omuhle lapho, niyabo, ngesikhathi esifanayo ngashada ngaso, khona-ke ngangingakwenza, niyazi, ngamyisa eholidini lethu labasanda kushada futhi ngiyozingela ngesikhathi esifanayo, niyabo.

257 Ngakho—ngakho—ngakho mina, futhi nga—ngacabanga, "Awu manje, manje ngihambe kanjani na?" Mina, futhi ngenyuka *ngapha*, futhi ngajika, futhi ngaya ngale, futhi ngashaya unqenqema, futhi ngehla ngephakethe elincane, ngangazi ukuthi ngangisezansi ngaseMidondoshiyeni ndawo ndawo, ngasohlangothini lwaseCanada, kodwa ngangingazi nje ukuthi kwakukuphi.

258 Futhi kuqubuka isiphepho, futhi khona manjalo, niyazi, lezoziphepho zeqhwa. Futhi, o, inkungu yayiphansi kakhulu, wawungakwazi ngisho nokubona isandla sakho phambi kwakho. Futhi yilapho wena, kulawomazwe, kungcono uhlale phansi uma ungazi ukuthi ukuphi, ngoba uzofela khona lapho, uyabo. Futhi nje hamba uyozitholele indawo, futhi uzicashise,

futhi uthole okudliwayo, futhi ulinde usuku noma ezimbili kuze kuphele isiphepho, bese-ke uyaphuma futhi ubone ukuthi ukuphi.

259 Ngakho, angikwazanga ukuzicashisa, uMeda wayesemahlathini, futhi engakaze abe semahlathini ngaphambilini, ekuncikeni kancane kukho, kungekho ngisho nomnyango kukho, nje, niyazi, kwakuncikile kancane, *kanjalo*. Ngakho, lapho ngangikulesosimo. Futhi o, he! Ngathola, ngahamba kahle, ngaqala ngakhuphuka *kanje*, ngacabanga, "Awu, ngijike phezulu *lapha* ndawondawo." Ngibuyela ngqo lapho engadubula khona inyamazane idiye. Ngasuka futhi, ngase ngithi, "Ngifanele ngithole indlela yami yokuphuma lapha, umkami nengane bazofela emahlathini." Niyabo?

260 Kwasekubanda, naleyo—leyonkungu idwengula, okuzoba yiqhwa esikhashaneni nje, niyabo. Futhi ngaqala ukwenyuka futhi, ngase ngibuyela enyamazaneni idiye futhi, ngikwenze kathathu. Awu, ngazi-ke . . . Ngathi, "Awu, ngi—ngiyahamba . . . Ngi—ngindawo ndawo . . . "

261 Niyabo, manje iNdiya libiza lokho ngo "hambo lokufa," nisendaweni eyisicaba, futhi niyahambahamba, nizungeza neziyingi, niyabo. Manje, ngenkombandlela, ubungeke ukwenze lokho, niyabo, kodwa uhamba uzungeza indingilizi, iNdiya likubiza ngokuthi, "usohambweni lokufa." Niyabo? Ngoba uyaphiyaza-ke nje, yilapho belahlekelwa yingqondo yabo futhi baqale ukugijima, bedazuluka, nakho konke, baze ekugcineni bahlomeke phezu kwewa, noma into ethize futhi babulawe, noma kuphakathi kokuthi bazibulale.

262 Bese kuthi-ke, ngi—ngiyakhumbula ngathi, "Awu, ngihamba ngiqonde ngqo. Ngi—ngi—ngifanele ngithole . . . " Futhi ngathi ukuba nokudideka, futhi ngacabanga, "Hlala phansi. Ngani, wena siwula esidala, uyazi ukuthi awulahlekile, u—ungeke ulahleke, uyabo," futhi ngangilokhu ngisho lokho. Awu lokho, uyakubona nje—kwakungekho lapho nje. Lapho kukhona into engekho lapho, awukwazi ukukukhohlisa, uyazi. Njenge . . . Futhi ngakho, ngathi, "Awu, angilahlekile, ngazi kahle ukuthi ngikuphi, impela, ngiza ngqo nga*le*ndlela. Kunjalo impela." Ngihamba ngikhuluma ngedwa kanjalo, niyazi, futhi nje ngijuluka ngamandla ami onke.

263 Manje, ukuba bengingedwa, bengiyovele nje ngiwelele ndawondawo, futhi ngangena endaweni encane, futhi ngalinda kwaze kwaphela isiphepho, mhlawumbe usuku noma ezimbili, kodwa kade kulungile, ngazitholela isiqephu senyamazane yami idiye ngase ngiyidedela ihambe, niyabo. Kodwa ubungeke ukwenze lokho, nenkosikazi isemahlathini, futhi ingakaze ibe semahlathini. Ngani, babeyofa ngalobobusuku, babengeke bazi ukuthi bazinakekele kanjani emahlathini, niyabo.

264 Ngakho, ngacabanga. . . Ngangihamba nje ngalapho ngase ngizwa Into ethize ithi, "NgiyiNkosi, Usizo olukhona impela esikhathini sokuhlupheka." Ngaqhubeka nje ngihamba, ngacabanga, "Manje, ngiyadideka," niyabo, "Ngicabanga ukuthi ngizwa izinto." Lokhu nje kwaku, saqala ukushada, eminyakeni engamashumi amabili edlule. Ngaqhubeka nje ngihamba *kanje*, futhi Kwathi, "NgiyiNkosi, uSizo olukhona impela ngesikhathi sokuhlupheka." Futhi Kwasho lokho kathathu noma kane.

265 Futhi emva kwesikhashana, ngama, futhi ngacabanga ukuthi "Kuphakathi kokuthi ngisangene, noma uNkulunkulu uSomandla ungihawukele."

266 Futhi ngavele ngaguqa phansi ngase ngibeka isibhamu sami phansi, ngathi, "Nkulunkulu, ngiyavuma ukuthi ngilahlekile," niyabo, ngathi, "Ngi—ngilahlekile. Futhi Wena. . . Angisoze. . . Angisoze ngaphuma lapha nge. . . Bengicabanga ukuthi bengingumuntu wasehlathini okahle kakhulu ukuba ngike ngilahleke, kodwa," ngathi, "ngiphenduke ngokuphelele, ayikho indlela," sengiqedile ukuxhuxhuma, niyabo, "ngakho-ke ayikho nhlobo indlela kimi yokuba ngike ngithole indlela yami yokuphuma. Futhi a—angifanele ukuphila, Mnumzane, kodwa umkami nengane bafanelwe." Niyabo? "Ngakho, ngisize ngifinyelele kubo, ukuze bangafi emahlathini." Ngathi, "Angifanele ukuphila, kodwa bafanelwe." Futhi—futhi ngathi, "Uma Uzongisiza nje, ngizoKubonga kakhulu."

267 Ngasukuma, ngathi, "Manje, ngizolungisa ubuso bami nga*le*ndlela, futhi ngiyazi ngiqonde ngqo ngalapho ngishiye khona uMeda nabo." Kodwa ngi. . .?. . . ngangihamba ngiyongena ngqo eCanada, niyabo, ohambweni lokufa, niyabo, ngiyongena ngqo eCanada.

268 Futhi ngaqala *kanje*, futhi khona manjalo, ngezwa iNto ethize ithi [UMfowethu Branham umbambatha okuthize—Umhl.], isandla, ngacabanga, "Ubani Lowo na?" Futhi ngabheka phezulu, futhi ngesikhathi nje sokubuka emuva, futhi nje inkungu eyenele yasuka, ngaze ngabona isiqongo seNtaba iHurricane, futhi babekhempe ngaphansi nje kweNtaba iHurricane.

269 Awu, ngase ngima lapho nje futhi ngakhala izinyembezi njengengane, ngidumisa uNkulunkulu, niyazi, ngokungisiza. Manje-ke, ngadingeka ngiphume ngaleyondlela, futhi kwaba mnyama kimi, ne—nezinyamazane amadiye nezinto zigxuma phezulu phambi kwami. Kodwa angizange. . . Futhi emva kokuba sekumnyama. . . Ngiyamazi umqaphi futhi mina. . . kusukela kulendlwana yezingodo yomqaphi ikhona khona lapho ngakulokho okuncikile, kodwa kwakukhiyiwe. Bese kuthi-ke, lokho—lokho kungamamayela angamashumi amabili nanhlanu ukusuka endlini esondele kakhulu ukusuka lapho kwehle njalo, niyabo. Futhi khona-ke phezulu lapha entabeni, lapha

ngasendlwaneni yezingodo yomqaphi, bese-ke kuqhubekela phezulu embhoshongweni, phezulu esiqongweni esikhulu phezulu lapho, awu, ngangazi ukuthi ngangisesiqongweni ndawondawo.

270 Kodwa lezozintaba zingamamayela amaningi, amaningi, amaningi macala onke, niyazi, amashumi amathathu, amamayela angamashumi amane, amashumi amahlanu, ukuzungeza intaba lapho. Futhi ngakho ngacabanga, "Manje, uma kuphela ngingashaya lolocingo oluwela phansi lapho." Yena nami siluphakamisele ukushaya ucingo, niyazi, ngiluqhasele ezihlahleni, futhi wehlela esiteshini sakhe, khona-ke bawedlulisela kusuka e—suka e—suka embhoshongweni, niyazi, ezansi luye esiteshini. Wayesenyuka-ke ezinsukwini ezimbalwa ukuzongizingela.

271 Futhi kwaba sebusuku, khona-ke angikwazanga ukubona, niyazi. Futhi khona, kumnyama noma kanjani, kwaba mnyama cishe emizuzwini engamashumi amathathu, engamashumi amane, futhi kwakucishe kube ngelesibili noma elesithathu nqo ntambama. Kodwa ngiphakamisa isandla sami *kanje*, futhi ngihambe, futhi ngivele nje ngikuthole. . .ngibambe isibhamu sami ku*lesi*sandla bese ngihamba, niyazi. Futhi ngangazi ukuthi ucingo luthi alube phezulu *kangaka* nje, lapho sasiqhasela khona ezihlahleni yonke indlela.

272 Ngacabanga, "Uma nje ngingashaya lolocingo!" Futhi ngangishaya igatsha *kanjalo*, niyazi, futhi ngacabanga, "*Aha*! Qhabo, lelo yigatsha," niyabo, ngiyozama futhi. Kwathi-ke lapho ngiguquka, nengalo yami yayiba buhlungu, ngiyiphakamisa isikhathi eside kakhulu, ngangiyoshintsha bese ngibeka isibhamu sami *lapha* bese ngihlehla izinyathelo ezithi azibe zimbili, niyazi, ukuqiniseka ukuthi angikweqanga, niyabo, ngisondele, futhi *kanjalo*.

273 Futhi, mfowethu, ngokuhambisana, futhi sekuvele kumnyama bhuqe, niyazi, futhi ngangikade ngihamba cishe ihora kulobo bumnyama, nesandla sami sashaya lolocingo, ngaluzwa. Awu, ngavele ngakhothamisa ikhanda lami ngase ngiqala ukukhala, niyazi, futhi ngacabanga, "Nkosi, khona impela ekupheleni kwalentambo kulinde umkami nakho konke." Niyabo? Ngacabanga, "Kunjalo." Futhi ngama lapho ngase ngigobisa ikhanda lami futhi ngaMbonga ngakho. Ngacabanga, "Yebo, Nkosi, ngifake isandla sami kwesaKho, ngamandla, intambo, futhi khona impela ekupheleni kwalentambo, engiyibambile manje enhliziyweni yami, iphethe yonke into ethandekayo kimi," niyabo, "bonke abathandekayo bami, iNkosi yami, uMsindisi waMi, wonke lowo othandekayo kimi ulele ekupheleni kwalentambo." Ngakho, angivumanga isandla sami sisuke kuleyontambo, ngalandela leyontambo ngehla ngqo entabeni.

274 Nakuba kwakukhona omncane—omncane o bro- . . . umzila owephukile uhhafu lapho, lapho esasizokwenyuka khona, niyazi, kodwa bengingekwethembe lokho, ngavele ngabamba intambo. Lapho ngishaya isihlahla, ngangixebula macala onke, isihlahla bese ngiyibamba futhi, ngiqhubekele esihlahleni esilandelayo, bese-ke ngiyibamba ngiqonde phansi, cishe amamayela amathathu ezansi entabeni, futhi ngehlela lapho, futhi uMeda wayecishe impela abe nokuhayiza, niyazi, nje, isimo esinjalo. Kodwa yilokho-ke. Niyabo? Akukho lutho, akukho ukuzwa, njengokulahleka. Kuthiwani ngokulahleka, ukulahleka emahlathini, kodwa kuthiwani ngokulahleka kuNkulunkulu na?

275 Awu, Meda na? Woza, S'thandwa, uMfowethu Welch uzofanele aye emsebenzini, noBanks nabo cishe bazofuna ukuqala kusese-eli, nabo bonke laba abanye abazalwane befuna ukuya emsebenzini, nodadewethu bafanele ba—bageze izinganyana zonke futhi . . . [Umfowethu uthi, "Sikujabulele kahle kakhulu."—Umhl.] Ngiyabonga. Ngiyabonga. Uma ukujabulele uhhafu kakhulu njengoba ngenzile, ukukhuluma nani, bekumangalisa.

276 Mfowethu Welch, ngiyabonga ngalesosikhathi esihle kulentambama, futhi, sasiphandle lapho ne, ungikhiphela kulokho, lawomaxhaphozi ezingwenya phandle lapho.

Dadewethu, nina nonke, ngiyabonga ngempela ngalokho kudla kwakusihlwa okumnandi.

[Umfowethu uthi, "Ngiyabonga, ngokwehla futhi ube nathi, futhi."—Umhl.] O, he!

277 Unentombazane encane phakathi lapho, futhi na? Inezinwele ezinhle kunazo zonke, ngiqaphelile ukuthi ibilukile, uhlobo oluphuzi ngempela, izinwele ezibukeka ziyigolide, lokho—lokho kuhle ngempela.

278 Ngifuna ukuphawula ngezinwele zakho futhi, Dadewethu. Ngiyazi ukuthi kungcono. Ngikholwa ukuthi wawuvamise ukuba nezinwele ezimfishane, awubanga njalo na? Zithi ukuba phansi ukuya emahlombe akho, ukuthi ukuphungula noma *ngandlela thize*, noma ukwenzile na? [Udade uyaphendula—Umhl.] Yebo. Ngi . . . Yebo. Ngi . . . Awu, kubukeka kukuhle ngempela manje, uyabo.

279 Bengiqaphela laba, bonke laba besifazane lapha, nezinwele zabo ezinde nayo yonke into, kubukeka kanjalo, o, babengaba bahle ngendlela eyodwa njengenye, niyazi, noma ngabe babenezinwele ezimfishane noma qha, kodwa nje kubukeka *kanjalo*, niyazi, niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini. Nje, mhlawumbe yimina nje, kodwa . . .

Nanso leyontombazanyana. Ithe ukuba namahloni kancanyana, ingabe injalo na?

Ngingamqukula, S'thandwa? [UDadewethu Meda ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Uphi na? O. Qhabo.

280 Uyamuzwa engitshela na? Nikutholile lokho na? Uthe besidingeka silinde uBecky ukuba afike, kodwa wathi, "Akusho ukuthi ufanele uye *lapho* bese uqala ukushumayela futhi."

281 Leyontombazane encane ayinazo yini izinwele ezinhle nayo, S'thandwa na? Iyikhekhe nomsila wehhashi wayo omncane ulenga phansi lapho futhi, omhloshana omncane oyijikijolo ne . . .

282 Niyazi, ngizophuma futhi ngibone uma leyo endala, ngidumise leyo Cadillac endala uma ngingakwazi, Mfowethu Welch. Futhi ngizo, ngiyaxolisa umzuzu nje, futhi ngizobona ukuthi ngingakwazi yini, ngezinye izikhathi iyakhwehlela kancanyana futhi ikhonkothe, niyazi, futhi . . .? . . .

